# UKUZENZISA KOBUKRISTU

Ngiyabonga. Ngiyabonga, Mfowethu Vayle. Kuhlale kwaziwa ukuthi kuyinhlanhla ukuhlala ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu kanye nabantu baKhe. Futhi namhlanje ngibe nenhlanhla enkulu yokuvakashela ibandla likaMfowethu umelusi, nesikhathi esimangalisayo sokuhlangana esibenakho ndawonye, ngenkathi sasihlezi endaweni yaseZulwini ebandleni leBaptisti kulokhu ukusa.

2 Bese kuba ne—isidlo sasemini noDkt. Wierwille (angikutholi kahle nje lokho.), nabafowabo, nabanye abaningi, u—udokotela, udokotela wamazinyo, kanye neqembu elithile esidle isidlo sasemini ndawonye emizuzwini embalwa edlule. Futhi lolu kube usuku olujabulisayo impela, futhi ngethemba kuNkulunkulu ukuthi kuzoqhubeka kube njalo usuku lonke kithi sonke, njengoba sihlangane ndawonye futhi kuKristu, ukuhlala nje ezindaweni zaseZulwini naYe.

3 Futhi kuqathake kwaba yinhlanhla yami uku—ukukhuluma nani futhi kulentambama. Ukusha izwi okuncane nje, ngenxa yokuthi, awu, ngibe namakhaza amancane nje ukuba ngiqhamuke nawo, futhi ngi. . . Kuthi ukuba nzima nje egazini lethu laseningizimu, niyazi. Kuthi ukubanda phezulu lapha futhi kubanda kancane kunanjengoba kunjalo ekhaya; bese-ke ngihambahamba kakhulu.

4 Iviki elilodwa, manje, iviki. . . Cishe ngelinye iviki noma izinsuku eziyishumi, iNkosi ithanda, ngizoba sePhoenix, e-Arizona, lapho izinganyana zonke zingafake lutho ezinyaweni, zigijima zizungeza, bese-ke ngiwelela eCalifornia, bese-ke ngenyukela eWest Coast futhi lapho kumakhaza futhi. Futhi yileyondlela izinkonzo zokuvangela ezihamba ngayo, noma, ukuphila okuhamba ngayo, njalo, kumvangeli. Kodwa kuyinhlanhla enkulu ukukhonza iNkosi. Ngijabule kanjani.

5 Futhi kungukuthi, kubonakala sengathi othile uzothi, "Mfowethu Branham, ngiqagele impilo yakho yonke iyimpilo yokunqoba." O, awukwazi nje konke. O, yi—yimpilo yokunqoba, njengoba wazi ukuthi ikuKristu. O, kuyinhlanhla engaka kimina ukwazi ukuthi Uyangivumela ngikhulume nabantwana baKhe nokuthi sihlangana kanjani ndawonye futhi sikhulume, sixoxe, futhi sikhonze. Kuyamangalisa lokho. Kodwa kunezinto ezihambisana nakho; kunzima kakhulu, njengokushiya umndeni ngento eyodwa. Nginomndeni othandekayo nomfana omncane ukuthi lapho. . .

6 Sengishade kabili. Umkami wokuqala washona lapho. . . intombazanyana yami yayinezinyanga eziyisishiyagalombili nje ubudala, noBilly omncane wayenezinyanga eziyishumi

nesishiyagalombili nje ubudala. Wayenamashumi amabili nambili, ngiyacabanga, futhi ngangithi ukuba namashumi amabili nesithupha. Futhi ngi—ngalahlekelwa nguye, futhi yena . . . Ngi—ngi—ngicela uxolo bengingaqondile ukusho lokho kanjalo. Angikaze ngilahlekelwe nguye. Uvele wakhuphukela esitezi esiphezulu, futhi . . . yena nengane ndawonye. Futhi nganginoBilly iminyaka, kwase kuthi-ke lapho eya esikoleni, iNkosi yanginika unkosikazi omncane othandekayo, futhi sashada iminyaka emine futhi intombazanyana, uRebekah, uyafika.

7 Eminye iminyaka emine, ngaleso sikhathi, ngangiseMinneapolis kanye emhlanganweni, lapho ngiya khona emhlanganweni wami olandelayo; emva kwalapha ngiya e-Evansville bese ngiya eMinneapolis, bese ngiya ePhoenix, emva kokuma okufushane eLouisiana. Ngakho-ke, ngangiphezulu lapho, futhi ngangithatha impilo kaJosefa, ngifunda nje impilo yakhe. Futhi niyazi, u-Abrahama, kushunyayelwe kulokhu ukusa, u-Abrahama wayengukukhetha. Futhi u-Abrahama wazala u-Isaka, okungukulungisiswa. u-Isaka wazala uJakobe, okungumusa. Futhi uJakobe wazala uJosefa, okungukuphelela, akukho neyodwa into emelene noJosefa. Futhi ngabona impilo yakhe enkulu, ngase ngithi, "O, Nkulunkulu uma . . . "

8 Futhi ngi—ngiwumuntu nje onomqondo olula, njengoba nazi kakade. Futhi ngangena ekhosombeni elincane, ngoba, awu, futhi uNkulunkulu uzozwa umkhuleko wakho noma kuphi, kodwa Wathi, "Ngena ekhosombeni eliyimfihlo," futhi. Futhi o, ngicabanga ukuthi kunokwanele ngami ukuthi angikakakhuli kahle kuyo yonke leminyaka engamashumi amane nesikhombisa, ngakho-ke ngavele ngangena ekhosombeni ngase ngidonsa umnyango ndawonye. Futhi ngangikhala izinyembezi nje ngenxa yenjabulo.

9 "O," ngathi, "Ngiyojabula kakhulu ngolunye usuku lapho ngiwela ukuyohlangana noJosefa futhi ngimxhawule; ngibone uDaniyeli futhi ngimbuze ukuthi wazizwa kanjani lapho lezo zingonyama zigijima kuye, naleyoNsika yoMlilo yokuKhanya yema lapho futhi yabamba lezo zingonyama ubusuku bonke gulukunqu; ngibone abantwana bamaHeberu, ukuthi baphuma kanjani esithandweni somlilo nomoya wePhentekoste ubazungezile, ushwila, uqhelisa umsingo." Ngathi, "Yeka isikhathi esimangalisayo." Futhi ngathi, "O, Nkulunkulu, uma Uke wangipha umntwana, ngiyomqamba ngokuthi uJoseph (umfana)." Futhi uBilly wayengumfana ome kahle ngalesosikhathi. Futhi-ke, niyazi, njengoba ngibhekile, ngangena, awu, angazi ukuthi ngizokubiza ngani, Angikwazi ukuchaza lokho, angifuni . . . Ku: awukwazi ukuchaza uNkulunkulu; UNkulunkulu ungaphezu kokuchaza.

10 Uma kukhona umuntu lapha ongathanda ukusondela kukho kulokhu engikubiza nge "zinga lesayensi": Phezulu kwelinye

izinga, ukwenye indawo, kuyiqiniso njengoba lokhu kuyikho, kodwa ukwenye nje indawo, futhi uyazi ukuthi ulapho, kodwa uyazi ukuthi iphimbo lakho lilapha, kodwa ulapho. Niyabo? Kuchaze? Angikwazi. Kodwa Okuthile kwathi, "Uzoba nendodana, futhi uyoyiqamba ngokuthi uJoseph."

O he, kusukela emhlanganweni ngqo, "Ngizoba nomfana oqanjwe ngoJoseph."

11 Awu, ngemva kwesikhashana sasazi ukuthi sizoba nengane. Wonke umuntu wathi . . . Futhi umkami, abantu bakubo nabo bonke kufanele babelethe ngokuhlinzwa. Futhi ngakho-ke udokotela wathi, emva kokuba uRebekah esezelwe, wathi, "Lokho bekufanele kukuxazulule, ngenxa yezinye izimo, ukuthi ufanele angabe esaba nabanye abantwana."

"Awu," ngathi, "iNkosi enhle yazi konke ngalokho."

Futhi—futhi ngakho-ke thina—thina sasazi ukuthi sasizoba nengane, ngakho-ke sazibuza ukuthi ngabe . . . Abanye babo bathi, "NguJoseph lowo na?"

Ngathi, "angazi," ngathi, "kodwa sizoba noJoseph, ngakho-ke," Ngathi, "Ngithi ukukholwa ukuthi kunjalo."

Futhi ngenkathi izalwa, kwakuyintombazane. O, ukhuluma ngokungigcona. Yonke indawo, ngathola izincwadi, ezithi, "Ngacabanga ukuthi imibono yakho yayingaqambi amanga."

"Ayilokothi iqambe amanga." Ngathi, "UJoseph uyeza."

12 Futhi ngakho-ke lapho udokotela eletha intombazanyana, wathi, "O, Mnu. Branham," wathi, "incane kakhulu," wathi, "kufanele senze okuthile ngalokhu," wathi, "ukuthi bona . . . zazingasekho izingane ezazingeza."

Ngathi, "O, qhabo, uJoseph uyeza." Futhi ngakho-ke, ngimi lapho . . .

Kwase kuthi emva kwesikhashana, ngenkathi, kwaqhubeka, kwadlula iminyaka emine. Abanye babo babelokhu bethi, "Awu, yileso sikhathi esisodwa kwehlulekile."

Ngathi, "Qhabo. Niyakhumbula, angizange ngisho ukuthi lowo kwakunguJoseph. Ngathi, 'UJoseph uyeza.'"

13 Ngakho-ke emva kwesikhashana sasazi ukuthi sizoba nenye ingane, cishe ngemva kweminyaka emine ngaphezulu, sizoba nenye ingane. Awu, ngathi, "Awu, ngithemba ukuthi nguJoseph lona."

Ngakho-ke emva kwesikhashana, ngani bona, bonke, bathi, "NguJoseph lona na?"

Ngathi, "Angazi. Kodwa uJoseph uyeza."

14 Ngakho-ke lapho sehla ngqo, izinsuku ezimbalwa nje, oCaesarean, futhi, awu, izinto engangingakwazi ukuzikhuluma phambi kwezethameli ezixubile, kodwa bafanele bangene, ukuba, ukuze bahlinzwe, le ngaphambi kwesikhathi. Futhi

kwakukade kukhona elinye inenekazi elithile elihlala edolobheni, ukuthi into bandla yaxoveka yonke, ukuthi lacabanga ukuthi kwakufanele libe ngumholi wokomoya wempilo yami, futhi lingitshele lapho okufanele ngiye khona, nokuthi kufanele ngenzeni. Ngavele ngakwenqaba, ngokusobala, niyabo, ngoba, uMoya oNgcwele uyakwenza lokho.

15 Futhi ngakho-ke, wayedlulisa amakhadi, wayesethi, "Manje, nakhu lapho lowoBilly ezothola e*yakhe*," wathi, "UNkulunkulu uzosusa uMeda kuye manje." Futhi wakwenza konke kwabhalwa futhi kwabekwa ezweni lonke, niyazi. Nomkami, ethukile noma kanjani, o, umfo omncane wayesethi akabe ngofile nje.

Futhi wafika, wathi, "O, Bill, ukuzwile lokho na?"

Futhi ngathi, "O, lokho akwenzi mehluko. UNkulunkulu wathi sasizoba nengane, futhi lokho kuyakuxazulula." Ngakho-ke thina . . .

16 Futhi ngadingeka ngicabange, niyazi, futhi ekhandleke kakhulu, ngavele ngaya endaweni; Nginendawo eyimfihlo (Nizwile ngakho.), emuva le lapho engingena khona emhumeni, futhi ngihlehle; iFBI ayingitholanga. Ngakho-ke ngi—ngibuyela phakathi lapho. Ngangisemuva lapho ngikhuleka, futhi iNkosi yangithuma phambi kwe . . . lapho Ekhuluma nami . . . kukhona ugodo oludala olubekwe ngapheseya; le emagqumeni lapho engangivame ukucupha khona ngisengumfana. Futhi phakathi lapho Yena—Yena wangazisa ukuthi ngingakuvumeli nokuncanyana ukukhathazeka.

17 Futhi ngenkathi ngiya ekhaya, ngama ngangena ezansi kwaMfowethu Wood (indoda ekanye nami lapha, nodadewethu), Ngabona umfo omncane bandla ephuma egcekeni elingemuva, ubuso bakhe obuncane bubukeka bumpunga, futhi wayezothulula udoti othile e—emgqonyeni kadoti. Futhi ngenyukela kuye. Wayekhala. Wathi, "O, Billy," wathi, "UMargie akakwazi ngisho nokunginakekela." Lowo ngunesi, unesi wakwaMayo owaphulukiswa emhlanganweni wami, enesisindo esingamaphawundi angamashumi amathathu nanhlanu, enomdlavuza, udaba lokuqala. Futhi usemtholampilo womdlavuza eLouisville, useshonile cishe iminyaka eyishumi; uyahlenga esibhedlela.

Ngakho-ke, wathi, "UMargie usesimweni esiphuthumayo, akakwazi ukungingenisa." Wathi . . . Umthanda kakhulu.

18 Ngathi, "Buka, S'thandwa, siyamthanda uDadewethu Margie, kodwa asincikile kuDadewethu Margie; sithembele eNkosini uJesu. Niyabo?" Ngathi, "Siyamthanda uDadewethu uMargie." Futhi ngathi, "Ngifuna ube nesibindi esihle."

Wathi, "Kungani na?"

Ngathi, "Uyazi ukuthi bengikuphi na?"

Wathi, "Nginombono."

Ngathi, "Ngino ISHO KANJE INKOSI." A-hha. Lokho kwakuxazulula, niyabo, khona lapho.

19 Futhi ngakusasa ekuseni kwazalwa omncane. Futhi lapho unesi ehla, sonke sasiyisigejane sobaba, niyazi, ukuthi baphuma kanjani kumata, niyazi, ngakho-ke, ngangihambisana nabo ngqo. Unesi wehla, wathi, "Mfundisi Branham na?"

Futhi ngathi, "Yebo, memu."

Wathi, "Ngikubonisa umfana okahle, wamaphawundi ayisikhombisa, ongama-ama-awunsi amathathu."

Ngathi, "Joseph, usunesikhathi eside ufika lapha. Kodwa ngiyajabula impela ukuthi ulapha."

Wathi, "Kungani umbize ngoJoseph na?"

Ngathi, "Yilowo anguye."

20 Kunzima kakhulu ukumshiya, njengoba eqala ukwazi ukuthi kuhanjwahanjwa kanjani, empongoloza, "Uphi uDada na?" Kodwa kuyinhlanhla enjalo ukukwenzela iNkosi uJesu. Futhi ngiyanazi nina madoda, abaningi benu lapha, ngendlela efanayo, ninezinto. Kodwa ngolunye lwalezi zinsuku ezikhazimulayo, "uma ngithembekile kuMsindisi wami, esandleni saKhe esiqondisayo ngizobambelela, Uyosihola siwele umfula." Yilokho okusemqoka.

21 Manje, nizofanele—nizofanele niphume kuse-eli kancane ukuze nikwazi ukuya ekhaya, futhi nidle ukudla kwenu kwasemini, bese nibuya. Futhi bazobe benikeza amakhadi omkhuleko kulobubusuku. Futhi nicabange kanjani ngobusuku bayizolo na? Nikuthandile lokho kangcono na? Khona-ke, lokho kuhle.

22 Ngibonge kakhulu izolo ebusuku, okokuqala ngibe nalokho selokhu nga . . . iminyaka neminyaka. Bangaki asebehambele imihlangano yami kwezinye izindawo na? Nje . . . Uyazi, lokho kuyiqiniso. Futhi ngi . . .

23 Lokhu bekungeke kwenzeke kube engicabanga ukuthi nguye, nguye na? UJim O'Neal, kunjalo na? O, he, ingabe uJimmy ulapha na? Hhe-e. I . . . Lendoda, uMfowethu Green, umkhwenyana wakwakhe yingakho ngikwazi ukushayela iFord, eyakhe . . . umkhwenyana wakwakho. Futhi nje ngizibuzile ukuthi ngabe uJimmy ubelapha, umfana omuhle weBaptisti, futhi ngiyamthanda ngempela.

24 Futhi thina—thina sizama ukuphuma kuse-eli, ukuze a—abafana bangabuya futhi bakhiphe amakhadi omkhuleko anamhlanje ntambama. Futhi silindele ukuthululwa okukhulu kwesibusiso saKhe, njengayizolo ebusuku.

25 Ngimi lapha izolo ebusuku, ngenkathi nginomugqa ojwayelekile, ngaphandle komunye (Niyabo?), ngase ngizwa,

ngenkathi ngiphakamisa izandla zami, phezu, lezozigaxa namafindo nezinto. Uzwa nje ukuthi kukhona okwenzekayo esandleni sakho, bheka le, futhi bekungekho lapho. Lokho—lokho kukwenza uzizwe ujabule. Ngiyakutshela; kukwenza ngempela; kungenza ngizizwe ngifisa ukubuyela emuva futhi ngibe nezinkonzo zokuphulukisa.

26 Ngale e. . .leliBhayibheli elidala elibusisiwe, eliyiNcwadi eholela ekuPhileni, okuPhakade; nakuHezekeli isahluko 36, futhi sizofunda i. . .umugqa nje ovela e—esahlukweni 36, ivesi 27. Futhi okwendikimba, engifuna ukuyisebenzisa, kulentambama, *Ukuzenzisa KobuKristu*. Futhi sengathi iNkosi ingengeza izibusiso zaYo eZwini laYo njengoba silifunda.

> *Futhi ngizofaka umoya wami* ku*we*,. . .ni*gcine izahlulelo zami, nizenze.*

27 Manje, uHezekeli wayengumprofethi, nomprofethi eBhayibhelini wayethathwa njengokhozi. Manje, ukhozi luyinyoni enamandla, futhi lungandiza ngaphezu kwanoma iyiphi enye inyoni, ngoba ukwakheka kwalo—kwalo kwehlukile kwenye inyoni. Lingamela u—ukuphakama kokuphakama, futhi lukhuphukela phezulu emoyeni. Futhi uNkulunkulu wafanisa umprofethi waKhe nezinkozi. Benziwa ngaleyo ndlea nje. Babezovuka eMoyeni futhi baye phezulu le, futhi babekwazi ukubona izinto ezikude ziza. Khona-ke lapho behla, babekwazi ukubona okwakwenziwa.

28 Futhi uHezekeli wayengolunye lwezinkozi zikaNkulunkulu olwalukwazi ukundiza phezulu futhi lubone amakhulu namakhulu ne. . .eminyaka ezayo. Uyazi, kufana nalapho uya ngokuphakama u—uya ngokubopna kude. Futhi ngakho-ke u—ukhozi lune—iso elibukhali langempela lokuhamba nalokho ukuphakama; ngoba ukuba wayengenalo ihlo elikhulu kanjalo, kwakungeke kumsize ngalutho ukukhuphukela phezulu, wayengebone kude kakhulu. Kodwa iso lokhozi lingcono kakhulu kunoklebe nganoma yisiphi isikhathi. Lungabona luhlule uklebe, lundize lwedlule noma ngayiphi indlela olufuna ngayo. Futhi luphakeme kakhulu kunoklebe.

29 Futhi ngifundisise izilwane zasendle ne—nezinyoni. Futhi ngesinye isikhathi ngangiseCincinnati, ezansi lapha, endaweni yokugcina izilwane enkulu. Abaningi benu bake baba lapho. Futhi babevele bathole ukhozi, futhi baluphonse ekhejini. Naleyonyoni bandla, ngayizwela impela. Yayigxumela kulezozinsimbi ngakho konke eyayinakho. Lalishaya izimpaphe ekhanda lalo, izimpaphe zephiko zasuka emaphikweni alo. Lwalubhakuza lungene kukho *kanjalo*, luzama ukundiza luphume. Futhi lushaya izinsimbi futhi luwe ngomhlane; lulale lapho ngomhlane walo. Lawomehlo ayeyobhekisisa esibhakabhakeni.

30 Futhi ngacabanga, “O, into elusizi kanje lenyoni eyilo. Ngoba yayakhiwe, yenziwa ukuba ibe yinyoni endizela ezulwini. Futhi lapha yayivalelekile, impilo yayo yonke, ekhejini elincane.” Nokwazi ukuthi lwalungabheka futhi lubone izinto lezo . . . nezindawo lapho olwalufisa ukuba khona, kodwa alukwazanga ukuphuma kuleli kheji.

Ngacabanga, “Ungumuntu olusizi kangani, noma, inyoni efanele ukuba yilo.” Ngacabanga, “Lokho kungokunye ukubuka okudabukisa kunakho konke engake ngakubona.”

31 Kodwa-ke, lapho ngiphenduka, ngabona ukubona odabukisayo kakhudlwana. Futhi lokho ngukuthi, amadodana ka-Adamu, ayenziwe amadodana kaNkulunkulu, eshaya ubuchopho bawo buphume, ezama ukuthola izinjabulo zokwanelisa kulokhu kuphila, nokwazi ukuthi ayezalelwe ukuba ngamadodana kaNkulunkulu ophilayo; futhi avele azishaye kalula afe, egijima *lapha* futhi egijima *lapho*, futhi edubulana, egembula, nokweba, nokuphanga omunye nomunye, kuyilapho ezalelwa ngempela ukuba abe ngamadodana kaNkulunkulu. Lokho ngukubona odabukisa kakhulu engake ngakubona, ngamadoda eboshwe yisono.

32 Kodwa kunento eyodwa ngakho. Kungaba khona into enjalo njengomuntu onenhliziyo enhle adedele lolokhozi lapho. Futhi ngijabula kakhulu ukusho emadodaneni ka-Adamu, kulentambama, ukuthi kube khona uMuntu onenhliziyo enhle ofika emadodaneni ka-Adamu: iNkosi uJesu, Oyokhulula wonke umuntu ofuna ukuhamba. Kukuwe.

33 Manje, sithola abantu abaningi kakhulu bezama ukulingisa ubuKristu. UbuKristu bungukuthi . . . akusho ukujoyina isonto. UbuKristu buyisehlakalo. Kukhona othe kimi . . . awu, kwakuseLittle Rock, e-Arkansas. SasiseRobinson Memorial Auditorium, futhi abantu babebuthene futhi bagcwala ezitaladini, neNkosi yayinikeza imvuselelo enkulu.

34 Futhi kwakukhona umfowethu owayengumNazarene, owayesemsamo, futhi wayethengisa amapensela emgwaqeni. Futhi wayenezinduku zokuqhugela ayehamba ngazo, iminyaka. Wayema ngalezi zinduku ekhiphe isigqoko sakhe futhi enamapensela ukuba awathengise, isinxibi. Futhi lapho iNkosi ekunakekeleni kwaYo kobuNkulunkulu, ukuhlakanipha, nomusa endodeni, wabonisa umbono, wamtshela ngalokho okuthile okwakwenzekile, futhi indoda yaphulukiswa khona manjalo. Futhi ngakusasa yayinesayini enkulu kulezozinduku zokuqhugela yehla ngesitaladi, *kanje*, iyithwele, ikhombisa wonke umuntu. “Laba abangani abadala ababevame ukungeseka. Manje, ngincike ezingalweni zaphakade (Futhi wayenjalo . . . ) zeNkosi uJesu.”

35 Futhi wayejabule ngokwedlulele kakhulu. Futhi ngenkathi ebuyela enkonzweni ngalobobusuku, wayehlezi phezulu

kuvulandi osesitezi, into enjalo. Futhi engikukhumbulayo okukwedlula konke, kunamabili noma mhlawumbe—mhlawumbe ovulandi abasesitezi ababili noma abathathu. Futhi, empeleni, ngangiqala nje ukukhuluma njengamanje, futhi nje wayethatheke kakhulu, umfowethu omdala ompofu, waze wasukuma, wathi, "Mfowethu Branham, ngifuna ukukubuza okuthize."

Ngathi, "Yebo, mfowethu."

36 Wathi, "Ngikuzwe ushumayela, futhi ngavele ngazi ukuthi ubungumNazarene." Futhi wathi, "Ngabe-ke sengiyakuzwa . . . omunye umuntu uthi wawuyiBaptisti." Futhi wathi, "Khona-ke ngibona nxazonke ngakuwe kukhona amaPentecostal." Wathi, "Uyini wena, Mfowethu Branham na?"

Ngathi, "Kulula lokho. NgiyiPentecostal Nazarene Baptisti." Ngakho-ke kunjalo impela . . .

37 UbuKristu buwukuphila. IPhentekoste, yona—yona . . . Ngiyazi ukuthi bakuhlelile, igama elithi *pentecoste*, futhi bavele babhala ngosonhlamvukazi egameni. Kodwa iPentekoste isehlakalo, hhayi ihlelo. IPhentekoste ikanye namaBaptisti, iPresbyterian, iLuthela, iNazarene, konke. IPhentekoste isehlakalo.

Futhi kubonakala sengathi abanye abantu banesikhathi esinzima kakhulu sokuzama ukuphila impilo yobuKristu, lapho ngempela, akusikho lokho, kuyi . . .

38 Omunye wathi, ngenkathi ngiphuma ekulingweni kwami okukhulu ngalesosikhathi, emva kokuba ngilahlekelwe unkosikazi, ingane, nakho konke, wathi, "Mfowethu Branham, wayigcina inkolo yakho ngalesosikhathi na?"

39 Ngathi, "Qhabo, mnumzane, yangigcina ngaleso sikhathi." Ngakho-ke lokho kungokwalokho. Angikwazi ukugcina uKristu; Uyangigcina. Akukhona ukuthi noma ngabe ngiyabambelela; kungukuthi noma Yena uyabambelela. Futhi kuyisipho kimi.

40 Bese kuthi-ke lapho, ngiqaphela ukuthi abantu banalesisikhathi esinzima, kufanele kube khona okungalungile ndawondawo. Manje, uma inkolo yobuKristu iqukethe kuphela isimemezelo sesivumokholo, ihlelo, noma ubuhlakani, khona-ke asidingi lutho ngaphandle kwelihle ngempela, iqembu elihlakaniphile labantu. Yilokho kuphela esikudingayo, uma ibandla lizobuswa ngobuhlakani.

41 Manje, ubuhlakani bulungile. Ungalemukela iZwi ngokobuhlani, kodwa Livumele lizike lingene phansi enhliziyweni. Yilapho ku—kuqala ukuvuna imiphumela.

42 Manje, kodwa uma uNkulunkulu wayeqonde ukuba siphathe ibandla laKhe ngobuhlelo noma ngesivumokholo, khona-ke into kuphela esiyidingayo ubuhlakani bomuntu: uma

indoda ihlakaniphe, ibandla liba ngelingcono. Kodwa lokho kwakungelona uhlelo lukaNkulunkulu. Uhlelo lukaNkulunkulu lwalunguMoya oNgcwele ukuba uphathe ibandla. UMoya oNgcwele wanikwa ibandla. Futhi ngeke sibe nemikhakha emibili ukuba iphathe ibandla ngesikhathi esisodwa. Uma umuntu eliphatha, uMoya oNgcwele uyaphuma. Uma uMoya oNgcwele eliphatha, ngokuvamile indoda iyaphuma. Ngakho-ke okukodwa noma okunye.

43 Ngakho-ke, sifanele sifinyelele kulesi siphetho, ukuthi, uNkulunkulu uhlose ukuba uMoya oNgcwele uphathe ibandla. Manje, angisho ukuthi uMoya nje uyasukuma ushumayele, ngoba uMoya oNgcwele uhlalisa abantu ebandleni ukwenzela into ethile; kodwa ngisho ukuthi, uma nje ubuhlakani yikho konke obukudingayo.

44 Qaphelani, manje lapha, uHezekeli ekhuluma, washo ukuthi Uyoyibeka kanjani inhliziyo entsha (isahluko esifanayo), asuse endala, inhliziyo yetshe, futhi Uyokunika umoya omusha. Bese kuthi-ke Uyofaka uMoya waKhe kuwe.

45 Manje, inhliziyo entsha ayisho ukusebenza endala. Akusho ukuthi ibandla lidinga ukukwenziwa kabusha ingaphambili. Kusho ukuthi ibandla lidinga ukuzalwa. Ibandla likaNkulunkulu alikudingi ukupholishwa; lidinga ukuguqulwa. Kunjalo. Bese kuba nje ukuthatha nje ibandla elidala bese ngihlala, ngithi, "Awu, ngiyanitshela, sizoshintsha ibhodi labadikoni. Sizoshintshanisa abelusi."

Lokho akusikho okudingwa yibandla. Lidinga umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Lidinga amandla kaNkulunkulu ophilayo.

Imvuselelo ayisho ukuphuma uthole amalungu amasha, *imvuselelo* isho ukuthi, "ukuvuselela lokho osuvele ukutholile."

46 Lapha esikhathini esingeside esedlule, isipiliyoni esimangalisayo kangaka engaba naso salokho eChicago. Ngangimi phandle ngakwenkulu, iLake Michigan, futhi ngabona amagagasi eshaya emoyeni, negwebu lindiza, futhi o, isikhathi esinje pho elalinaso, liphonsa le nale imikhumbi emincane. Futhi lapho ngiyibuka, ngacabanga, "Yini ekujabulisa kakhulu kangaka ngayo na? Unemvuselelo." Kodwa ngacabanga, "Uyazi ukuthini? Ungahle ugxume futhi uqhubeke laphaya, kodwa awukabi nalo nelilodwa iconsi lamanzi kuwe, kunalokho onakho uma uthule ngokuphelele. Kunjalo; amanzi afanayo nje, usanda kuthola imvuselelo kuphela."

47 Manje, imvuselelo ithathani na? Ithatha umoya ukufika, ukuvunguza. Yilokho ibandla elikudingayo: omunye walowoMoya owehla ngoSuku lwePhentekoste, ushanele phansi futhi ulivuselele; hhayi iBaptisti entsha, hhayi iMethodisti entsha, kodwa imvuselelo kumaBaptisti namaMethodisti. Futhi lokho kukhahlela amanzi kwenzani laphaya na? Ku—

kungokwenhloso. Kugeza kukhiphe wonke udoti emanzini phezulu osebeni. Yilokho okwenziwa imvuselelo, ithi ukuqeda konke ukuhluka kithi, uma sivumela uMoya oNgcwele wenze ukushaya. Bese kuthi-ke kwenza umehluko onjalo, kuyahlanza, kuhlanza amanzi, khona-ke.

48 Manje, ungeke nje ube nesikhathi sokupholisha ebandleni njengemvuselelo. Futhi ngethemba ukuthi emva kwalomhlangano, ukuthi kuzoba nezimvuselelo ndawo zonke kulelidolobha; Ngiyakholwa, nalo lonke izwe. Ngicabanga ukuthi yisikhathi semvuselelo. Futhi lemvuselelo enkulu esikhuluma ngayo izofanele ivele eZulwini. Angeke ifike ngomuntu. Ayizalwanga ngumuntu. Izelwe nguNkulunkulu, futhi Ifanele ivele kuNkulunkulu. Futhi angeke ufake lemvuselelo esayenseni yezenkolo endala bese uyixuba. UJesu washo lokho kuLuka oNgcwele: "Awukwazi ukufaka iwayini elisha ezimvabeni ezindala."

49 Bengivame ukuzibuza ukuthi kungani leso sitatimende senziwa, kungani ungakwazi ukufaka iwayini elisha ezimvabeni ezindala na? Ngithola ukuthi . . . Ngathi, "Lalelani lapha, sinojeke wengilazi, noma ibhodlela, kungani ngingakwazi ukufaka iwayini elisha lapho ngendlela efanayo engingakwazi ukufaka iwayini elidala kulo."

50 Kodwa ngithola ukuthi emuva ngezinsuku lapho uJesu ayekhuluma ngazo, amabhodlela ayengenziwa ngengilazi. Babengenawo amathuluzi okufutha ingilazi ngalezo zinsuku. Futhi ayenziwe ngesikhumba sesilwane. Futhi isikhumba sesilwane sasishukiwe futhi sasithungiwe, noma, siboshiwe, futhi bafaka i—iwayini, namanzi, noketshezi ebhodleleni lesikhumba. Bese kuthi-ke emva kwalelobhodlela liba lidala kakhulu, lize li . . . kungekho wayini kulo nanoma yini, laloma. Amafutha esikhumba alishiya. Lase-ke liba nzima futhi laqina.

51 Futhi ngiyabona ukuthi uJesu wayesho ukuthini, khona-ke: uma ufaka iwayini elisha, iwayini elingenamvubelo, ebhodleleni elinjalo, nalelowayini elisha lalinokuphila kulo, futhi laqala ukusebenza futhi labila, lalizoqhuma ibhodlela. Futhi yileyondlela othatha ngayo umbhaphathizo kaMoya oNgcwele futhi uwufake kwesidala, esomile, isikhumba senkomo, esigcina umthetho, lizoqhuma ngokuqinisekile njengezwe. Awukwazi nje ukuba nakho kanjalo.

52 Uzama ukuthatha umbhaphathizo kaMoya oNgcwele nesehlakalo esidala seside, isehlakalo sebandla esesihlale isikhathi eside, kuzoqhuma ngokuqinisekile njengezwe. "Kodwa iwayini elisha," kwasho uJesu, "lingena ezimvabeni ezintsh." Izimvaba ezintsha zisenawo amafutha esilwane ezikhumbeni, futhi ithambile. Yileyondlela ibandla likaNkulunkulu okufanele libe ngayo ngemvuselelo: ethambile.

53 Niyazi, ungabeka iWayini elisha, elimele iZwi, ufake iWayini elisha emvabeni endala, futhi uzofunda iZwi, futhi Lithi, "UJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade."

Imvaba endala lizothi, "Phufu!" liqhume: "Angikukholwa."

"Umbhaphathizo kaMoya oNgcwele ungokoqobo nje namuhla njengoba wawulokhu unjalo": "Phufu! Angikukholwa."

54 Futhi yini oyenzayo na? Wonakalisa kokubili imvaba newayini. Uphonsa amaparele phambi kwezingulube. Umlayezo wakho usube izicucu, futhi akekho owemukelayo, zivele zaqhunyiswa futhi zona . . . yilokho kuphela okukhona kukho. Kodwa uthola izimvaba ezintsha bese ufaka iWayini likaMoya oNgcwele elisha kuyo, neZwi liyasho . . . Isebenza iphila enhliziyweni, futhi Ithi, "UJesu Kristu, onguye izolo, naphakade." IWayini lithi, "UJesu unguye izolo, namuhla, naphakade."

Imvaba entsha yathi, "Amen!" iyanwebeka.

55 Lathi, "UJesu Kristu walinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, wachotshozwa ngobubi bethu, ngemivimbo yaKhe siphilisiwe, ngokufanayo nje izolo, namuhla naphakade."

Imvaba entsha ithi, "Amen!" Inwebeka ngempilo entsha. Zombili zigcinwa futhi zigcinwe. Ngakho-ke awukwazi ukuthela iwayini elisha ezimvabeni ezindala.

56 NgoSuku lwePhentekoste, uNkulunkulu wayenekhulu namashumi amabili, ezintsha sha, izimvaba zePentecostal zihlezi ziphakamise izintamo zazo. Futhi ngenkathi uMoya oNgcwele wehla uvela eZulwini, Wagcwalisa lezo zimvaba, futhi zagxumagxuma yonke indawo, zishumayela iVangeli ezweni elaziwayo, zimemezela ukuthi uJesu Kristu wayenguye izolo, namuhla, naphakade. Kuqapheleni.

57 Lapha esikhathini esithile esidlule ngaba nesehlakalo. Ngangisenhla emahlathini asenyakatho, kude eBritish Columbia. Futhi ngangike ngaba neminye imihlangano phezulu lapho phakathi kwamaNdiya nabantu kulelozwe. Futhi enye yamadoda eyayazi ukuthi ngangithanda ukuzingela kahle kakhulu, yathi, "Billy, ungathanda kanjani ukuthatha uhambo lokuyozingela ubuyele ezintabeni ngemva kwemihlangano na?"

Ngathi, "Akukho okungcono."

58 Ngakho-ke sathola amahhashi angamashumi amabili-nanye, futhi sapakisha, futhi sasingamamayela angamakhulu ayishumi nanye ukusuka emgwaqeni okhonkiwe futhi cishe amamayela angamakhulu amabili ukusuka ebangeni, namahhashi angamashumi amabili nanye, emuva sizingela izimbuzi zasentabeni.

59 Futhi ngikhumbula ngolunye usuku . . . Ngiyayithanda nje impilo yangaphandle; kulapho othola khona uNkulunkulu, uma

nje uzoba wedwa emvelweni, ungaMbona. Futhi ngangikade ngilandelela ibhere elidala elimpunga. Ngangingalifuni, ngoba ngangingenayo imali, eyanele, yokuthenga ithegi yokulikhipha. Kodwa ngangifuna nje ukulibuka. Futhi ngalijaha ukusuka egqumeni kuya egqumeni ngehhashi lami elincane. Futhi nganginezinkinga eziningi ngalelihhashi elincane; lalineminyaka emithathu nje ubudala, futhi lalizimisele ukungiwisa. Futhi ngakho-ke, lalima kanye ngesikhathi futhi libone nje ukuthi umbukiso omuhle kangakanani elingawenza ngakho. Futhi ngakho-ke sasizungeza emahlathini.

60 Futhi ngangilikhuphula ngikhuphuke phezu kwegquma. Futhi ekugcineni, ngaphenduka. Ngacabanga, "Manje, iyiphi nje impumalanga nentshonalanga manje na?" Ngakho-ke ngacabanga, "Manje, linda. Awufuni ukuphenduka lapha." Ngoba ungavele uhambe ibanga elide ngale kokuthola noma yini. Eqinisweni, umcuphi wayephuma kanye ngonyaka eqhweni lapho ehla ngomfula, obizwa ngokuthi i-East Pines River.

61 Ngakho-ke ngase ngicabanga, "Manje, ngize ngayiphi indlela na?" Ngacabanga, "Uma ngizokhuphukela entabeni ephakeme kakhudlwana . . . " Futhi lalikade lina, inkungu encane esigodini. Ngakho-ke ngacabanga, "Mhlasimbe mhlawumbe ngingathola indlela yami."

62 Endleleni ekhuphukayo, ngayibamba indlela yami, kodwa ngabona ngangifanele ngijike futhi ngihambe ngenye indlela. Ngangileyithi ukungena. Futhi ngacabanga, "Nkosi . . . " Ngigibele lapho ehhashini lami futhi ngidumisa uNkulunkulu ngokuba ngedwa, ngacabanga, "O, kuhle kakhulu ukuba wedwa emahlathini." Ngiyakuthanda nje. Futhi kungukuthi . . .

63 Izivunguvungu zase zidlulile nenyanga yayiphumile emva kokuba ilanga selishonile. Nenyanga yayikhanya futhi kwase-ke kuba namafu amhlophe, lokhu engikubiza "izibhakabhaka zombhobe," njengezigaxa ezinkulu zamafu zidlula. Futhi ngenkathi ngisagibele; ngama. Kukhona okwakubonakala kungikhuthaza ukuba ngime. Ngakho-ke ngama ngase ngibopha ihhashi lami elincane, ngoba lalijulukile kahle impela. Futhi ngasukuma phezu kogodo ngase ngihlala phansi.

64 Futhi ngabheka phezulu ngasezibhakabhakeni, ngathi, "O Nkosi Jehova, Umkhulu kakhulu futhi umangalisa kakhulu. NgiKuthanda kanjani." Futhi ngiqala ukuzwa umsindo ongavamile, ngikhandlekile ngempela. Futhi umsindo wokulila, into ethile nje engakwenza uzizwe sengathi, njengoba besingasho ngesisho sasemgwaqeni, okusasipokwe.

65 Futhi ngaqalaza, futhi ngangiseduze nendawo eyasha endala. Angazi noma niyazi ukuthi indawo eyasha iyini noma qha. Yilapho imililo yadlula khona eminyakeni edlule futhi yashisa wonke amagxolo ezihlahleni, futhi zavele zama lapho. Futhi ngenkathi lelolanga, noma, inyanga, njalo,

iphuma emva kwamafu, naphezu kwalezo zigxobo ezimhlophe, ezimile, izihlahla, kwakubukeka njengamatshe amathuna. Futhi kuvunguza umoya, amafu ayedlula masinyane, kwakhipha izwi lokulila: "Uuu!"

66 Ngacabanga, "O Nkulunkulu, ungibekeleni endaweni enjengalena na? Lena indawo embi kabi ukuba lapha." Futhi ngaqalaza, nakho konke ukulila nokububula engake ngakuzwa: ukunswininiza, ukulila. Imimoya ivunguza futhi lezo zihlahla zilila emoyeni, ngathi, "Nkosi, bengihlale ngazi ukuthi uhlala ehlathini, futhi kungani ngikhangwe ukuthi ngime kule ndawo na? ngoba lokhu kubukeka njengendawo embi kakhulu."

67 Futhi lapho ngisahlezi lapho, kwakukhona umBhalo owafika engqondweni yami, futhi lokho kwakungale kuJoweli. Wathi, "Okushiywe yisibotho, kudliwe, yinkasa; okushiywe yinkasa, kudliwe yisikhonyane." Kwehle njalo, izinambuzane ezehlukene zidle yonke impilo yomuthi.

68 Futhi ngacabanga, "Yebo, kunjalo. Futhi nakhu ngimi ngakulezozihlahla. Zake zaba yizihlahla ezinkulu ezazimi lapha. Kuthe kusavunguza umoya ezinsukwini ezedlule, zahamba zaya emuva naphambili nasesikhundleni sazo esikhulu sobukhosi; zanyakaza okobukhosi njengoba imimoya iziphephulile, kodwa o, manje umehluko onje pho." Kukhona okwakwenzekile. O ya, zaziseyizihlahla namanje. Kunjalo. Kodwa kukhona okwakwenzekile. Umgudu wamanzi esihlahla, umgudu wokuphila wesihlahla wawushile, wasuswa.

69 Futhi ngacabanga, "Awu, kusho ukuthini lokhu na?" Futhi ngiqala ukucabanga, manje-ke, ngezindawo engangikade ngikuzo, nabantu ababekade. . .Ngangizwile ukuphikisa futhi bethi zonke izinsuku zezimangaliso zase zedlulile. Futhi ngacabanga, "Kunjalo. Lokho kufana nje namanye alawa amakhulu amakhulu, anamachopho aphakeme amasonto ami namagama amakhulu emva kwawo, amagama omlando, ukuthi, 'Sake saba *ukuthi-nokuthi*; sasingu*kuthi-nokuthi*.'" Kodwa uMgudu wokuphila unqanyuliwe.

70 Amahlelo, kusukela ngesikhathi senguquko yokuqala nabasunguli bawo, isethi entsha yothisha yangena futhi yase inquma konke ukuPhila kwangempela kukaMoya oNgcwele. Futhi zasontwa umoya onamandla ovunguza ngamandla njengokufika koSuku lwePhentekoste. Kodwa manje, lapho uNkulunkulu njalo ethumela umoya waKhe, futhi zibhongela phansi, into kuphela ezingayenza ukulila: "Izinsuku zezimangaliso selwedlule. Ayikho into okuthiwa ngumbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Zonke lezi zinto zidlulile."

71 Yeka indawo enezipoki ukuba kuyo. Futhi ngacabanga, "O qhabo, akungabazeki ukuthi zaziyizihlahla; zazinomlando

ngemva kwazo njengezihlahla; kodwa ukuphila kwakungasekho kuzo."

72 Futhi yileyo indaba ngePentecostal yethu, iPresbyterian, iMethodisti, iBaptisti, iNazarene, iPilgrim Holiness: izilokazane zehlelo sezidle ukuPhila kuso, futhi sesivele saba enkulu, endala, umbhoshongo ocijile ofile. Esikudingayo ukukhala komoya onamandla ovunguzayo kanye noMgudu wokuphila omusha ukukwamukela; kunjalo.

73 O, ningangiqondi ngokungeyikho. Angililahli ibandla noma inhlangano; ngilahla ukuntuleka kukaKristu kulezi zindawo. Futhi into kuphela ebenza babubule futhi balile lapho uNkulunkulu ethumela imvuselelo kaMoya oNgcwele ezweni kungenxa yokuntuleka kokuPhila okuthambile kubo ukukwamukela. UMoya oNgcwele wehla ngoSuku lwePhentekoste, ngokuba noma ubani okholwayo wayeyoWamukela.

74 UPetru wathi, eZenzweni 2:38, "Phendukani, yilowo nalowo, nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu, khona niyakwamukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele. Ngokuba isithembiso ngesenu, nesabantwana benu, nakulabo abakude, bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza." Futhi uma uNkulunkulu esabiza, uMoya oNgcwele usehla. Kufanele kube njalo.

75 Ngakho-ke lapho ngihlezi ngimangele, ngibheka, ngacabanga, "Awu, yini ebangele lokhu na? Yini eyahhundula ukuphila na? Okushiywe ngamaLuthela, kwadliwa yiMethodisti; okwashiywa yiMethodisti, kwadliwa yiBaptisti; okwashiywa iBaptisti, kudliwe amaNazarene; okwashiywa amaNazarene, kudliwe iPentecostal." Futhi mfowethu, asinalutho kodwa igama lesonto nje. Futhi ngacabanga, "Akuyona into ethile layo na? Akumangalisi ukuthi kunokuningi kakhulu ukuzenzisa kobuKristu; lutho kodwa inhlekisa."

76 "Ngeke ngiye kuleso sakhiwo. Qhabo, bengingeke ngibambisane nento enjalo." A-hha. Ukuntuleka kokuPhila, yilokho kuphela, hhayi ukuntuleka kwebandla, ukuntuleka kokuPhila.

77 Ngase ngisho, enhliziyweni yami, kuNkulunkulu, ngathi, "Kungani Usathumela umoya khona-ke na?" Khona-ke ingqondo yami yehla emiBhalweni, kumnyama kakhulu ukuba ngifunde iTestamente lami elincane ephakethenì lami. Kodwa ngathi, "Kungani Ungathumela umoya na?" Nomqondo wami wehla, imiBhalo, kodwa washo nje ngezansi kwakho, "Ngiyakubuyisela, isho iNkosi. Konke okudliwe yinkasa, konke okudliwe yisikhonyane, ngiyakukubuyisela."

78 Futhi-ke ekumangaleni kwami, ngibheka ngaphandle kokuwa kwezigaxa zalezi zihlahla kanye nezimbewu zazo ezahlukene, phansi emhlabathini, kungephakeme kakhulu

kangako, futhi kungekukhulu kangako, kodwa kwakukhona uhlaza olwalukhuphuka, izihlahla ezintsha zimila. Futhi lapho imimoya ivunguza, zavele zaya le na le, futhi zazamazama, futhi zagxuma, futhi zavevezela, futhi zaqhubeka. Ngathi, "Uma leyo kungesiyo imvuselelo yemfashini endala, angikaze ngiyibone. Labo ngabantwana bakaNkulunkulu bejabula nje futhi beya le ne le ezibusisweni zikaNkulunkulu njengoba sithululwa."

79 Awu, Okuthile kuza kimi, kwathi, "Ziluhlaza. Zisencane futhi ziluhlaza." Ngincamela ukuba mncane futhi ngibe luhlaza, futhi ngithambe, ngibe nokuphila okuthile, kunokuba ngiguge, futhi ngiqine, futhi ngife, futhi ngingabi nalutho. Ngakhoke ngisho nomlilo wequbula omncane, esikhundleni sokungabi namlilo nhlobo.

80 Futhi lapho umoya uvunguza, lezozihlahla ezincane zaya le na le futhi zaba nenkulu, imvuselelo enkulu, yemfashni endala yePentecostal. Futhi ngacabanga, "Ukwenzelani lokho-ke na? Bebengeke yini bevele ngokufanayo nje uma ubungenayo le mibhabhadiso ewela phezu kwabo futhi ibanyakazise na? Futhi yona . . . Azizona yini izihlahla ngokufanayo na?"

81 Kodwa Okuthile kuthi kimi enhliziyweni yami, "Yebo, kodwa njalo uma ngizinyakazisa, ngikhulula izimpande ukuze zikhule zijule." Yileyondlela imvuselelo enkulu eyenzeka ngayo edolobheni.

82 Manje, ziyini lezizimvuselelo ezintsha zePentecostal na? Azilutho ngaphandle kwemikhiqizo evela esihlahleni esidala. Khona kanye lapho izihlahla ezindala zafela khona, uNkulunkulu wayenendlela yokuphinda ukukhiqiza ukuphila. Njengalapho nje siguga futhi sifa, uNkulunkulu uvusa omunye umuntu ngakithi njengesihlahla, imbewu, kumbe noma yini enye. Sithatha iBhayibheli elifanayo abalifundayo.

83 Kuthiwani uma abanye benu maMethodisti . . . ngiyanidabukela, bengifunda nje amanye amanothi kaJohn Wesley. Futhi lapho, ngenkathi wayengalapha no-Asbury, futhi wayegibele ihhashi lakhe ngolunye usuku, nehhashi lawa lase lephuka umlenze walo. Futhi uWesley uyehla, futhi uthatha amafutha akhe ephaketheni lakhe, futhi ugcoba ihhashi lakhe ngamafutha, wase eligibela, wagibela wahamba.

84 Kungani ungakwazi ukubambisana emvuselelweni yokuphulukisa na? Uma uNkulunkulu engaphilisa ihhashi, impela Angayiphilisa indoda. Yini indaba na? Abenu abasebancane, abafundisi abayiziwula banifuthe banigcwalisa ngoketshezi lokugqumisa, futhi yingakho ungakwazi ukuphila. Kunjalo.

85 AmaBaptist? UJohn Smith wakhala izinyembezi futh wakhulekela imvuselelo amehlo akhe aze avaleka, umkakhe aze amyise etafuleni ukuze adle ukudla kwakhe. Angathini ebandleni lethu leBaptisti lesimanje uma engafanele avuke

na? Wayeyothini uJohn Smith ukuba asukume futhi abuke iqembu lobungcwele na? Lapho bona . . . washumayela intshumayelo yakhe yokugcina eneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili-nento ubudala, ngikholwa ukuthi kwakunjalo. Bamthwala waya epulpiti, futhi akashumayelanga, isikhashana nje: amahora amane. Futhi awukwazi ukuma imizuzu engamashumi amabili. Akukho ukuPhila ukwemukela uMoya yilokho kuphela.

86 Futhi wathi, "Kuzwisa inhliziyo yami ubuhlungu ukubona amadodakazi ethu eMethodisti efake izindandatho zegolide eminweni yawo." Wayezothini manje nigqoke izikhindi ezindala zentambo yokuphanyeka na? Lelo yiqiniso. Futhi kungase kukwenze ube muhle futhi ugule.

87 Lapho ngisengumfanyana, sasingenakho okuningi ukukudla, ezansi ezintabeni. Umama wayevame ukuthatha inyama yezikhumba kwigilosa, futhi azifake kwelikhulu, ipani lesinkwa elidala, futhi azibilise, noma, azose, athole ugrisi wokwenza uphoni wommbila. Sasinophizi onamehlo amnyama nesinkwa sombila. Nina basenyakatho anazi ukuthi kuyini ukudla okuhle.

88 Khona-ke lapho wenza . . . lapho sizothola lokho . . . Bese kuthi njalo ngoMgqibelo ebusuku sasiba nobhavu omkhulu wokhuni omdala, kanye neketela letiye lihlezi esitofini. Futhi omunye uyogeza, uvele wengeze amanye amanzi, futhi olandelayo ageze, kuze kuba zonke izinganyana zithole ukugeza, bese kuba umthamo kakhasta oyela. Futhi ngavele ngagula kakhulu ngaleyonto; Angikwazanga ngisho nokukumela ukukuhogela, nokho. Ngeke ngifise ukuthi enye yezinganyana zami ike iphuze ukhasta oyela.

Ngangifika kumama, futhi ngibambe ikhala lami, futhi ngangikhala. Ngiyothi, "Mama, lento ingigulisa kakhulu."

Uyothi, "Kodwa uma ingakugulisi, ayikusizi ngalutho."

89 Ngakho-ke mhlawumbe ngizokusebenzisa lokho kulomlayezo. Mhlawumbe kuzodala ukuthi eziphathelene nokudla, ukukhuluma ngokomoya, uthole ukushukuma, ukunithola ukuba nikhuleke nibuyele endaweni ofanele ube kuyo.

90 Yebo, bhekisisani ukulandelana komBhalo. "Ngizosusa inhliziyo yetshe endala, futhi ngizokunika inhliziyo entsha." Yilowo umyalo wokuqala. Abanye babo bayama kulowo myalo wokuqala. Manje, lokho ngukuthi, wena u . . . usaqalile nje. Khona-ke Wathi, "Ngizokunika umoya omusha."

91 Kulapho iningi lenu maPentecostal nehluleka khona. Hha. Nanifanele nibe nomoya omusha. O, wazizwa kahle futhi wazizwa kanjalo, "O, awu, ngivele, o, ngizizwa ngikahle. Ngi—ngi—ngiyawuyeka umkhuba wami." Awu, usanda kuqala nje. Usanda kulungiswa manje ukuze ukuthole. Uza ngomugqa nje.

Wayefanele akunike umoya omusha. Kungani ungakwazanga ukuhambisana nawe nomoya wakho omdala; ngakho-ke ungahambisana kanjani noMoya kaNkulunkulu na? Ngakho-ke kwadingeka akunike umoya omusha.

92 Manje, bhekisisani iBhayibheli. "Ngizokunikeza . . . susa endala, inhliziyo yetshe, futhi ngikunike inhliziyo yenyama: enozwelo. Bese kuthi-ke Ngizokunika umoya omusha. Bese kuthi-ke, Ngizofaka uMoya waMi kini."

93 Manje, bhekisisani. UMoya waKhe wawehlukile emoyeni wenu omusha. Futhi abantu abaningi bathola umoya omusha futhi bacabange ukuthi bathola uMoya oNgcwele. Bazizwa bejabule, futhi bagxume ngapha nangapha, futhi mhlawumbe benze izinto ezimbalwa ngokwenkolo. Futhi bacabanga ukuthi banoMoya oNgcwele, nokho. O, qha! UMoya oNgcwele ukwenza wenze ngokwehlukile. UMoya oNgcwele ukwenza ucabange ngokwehlukile. UMoya oNgcwele wafakwa maphakathi komoya wakho omusha. Futhi umoya wakho omusha wafakwa maphakathi nenhliziyo yakho entsha. Inhliziyo entsha, umoya omusha, maphakathi kwenhliziyo entsha, futhi uNkulunkulu wathi, "Ngizofaka uMoya waMi kini."

94 Manje-ke, uMoya kaNkulunkulu uhlala maphakathi ngqo komoya wakho, umoya wakho omusha. Futhi-ke awudingi ukuphuma futhi wenze njengoba kwenza uNkk. Jones futhi njengoba kwenza uMnu. Jones. Kukhona nje okuthile kuwe; usanda kuba nothando lukaNkulunkulu phansi kakhulu kuwe, uze nje uluphile. Akuwena; kuyiNto ethile ekuwe.

95 Ngakho-ke abantu abaningi bazama ukugqoka ubuso bobuKristu noma ubuso bomKristu ngeSonto. Futhi ngoMsombuluko ufanele ubone uhlobo lobuso abalugqokile. Kodwa manje, lokho kungukuzenzisa, okungelutho ezweni, encwadini yami, kodwa abazenzisi. Ncamashi.

96 NjengoCongressman Upshaw, njengoba nazi nonke, waphulukiswa emihlanganweni yami emva kokuba ekhubazekile iminyaka engamashumi ayisithupha nesithupha, wathi, "Ungeke waba yinto ongeyiyo."

97 Futhi lokho kunjalo. Yiba yilokho oyikho. UNkulunkulu akavumele usuku, ukuthi, lapho ibandla lobuKristu liyoba yilokho elifanele libe yikho. Uma ungokaKristu, philela uKristu, nikela konke okwakho kuKristu. Vula inhliziyo yakho. Ungacabangi ngezinto ezikuzungezile. Cabanga ngalokho uKristu ayikho kuwe nangaphakathi kuwe.

98 Lowomoya omusha okuwe, noMoya oNgcwele kaNkulunkulu uhlezi phakathi komoya wakho omusha, kufana nje nesipringi esikhulu ewashini elidumile. Njengoba i—isipringi ewashini elidumile siqala ukuhamba, senza yonke into ephilayo yewashi isebenze kahle ncamashi nje; isipringi esisha, isipringi esikhulu.

99 Futhi isipringi esikhulu sobuKristu umbhaphathizo kaMoya oNgcwele; hhayi isayense yezenkolo ethile eyenziwe ngumuntu, hhayi ihlelo elithize, kodwa ngumbhaphathizo kaMoya oNgcwele obeka zonke izitho kuleloBandla zisebenza ngokwenqubo. Kukhona okungalungile bazalwane. Kulungile.

100 Njengoba nje uMoya oNgcwele ehamba, uyalibusa iBandla laKhe; konke ukuhamba kwewashi okuncane kuhamba ngokufanayo ncamashi, futhi uhambisana ncamashi nesikhathi neBhayibheli. Yonke into ihambisana ngqo neBhayibheli; kungakhathaleki ukuthi isazi sezenkolo sithini; iBhayibheli lithini. Kuhambisana ngqo nalokho, ngoba NguMoya oNgcwele owaloba iBhayibheli, ungena ukuzomaka iBhayibheli empilweni yakho, ncamashi nje ngendlela eLilotshwe ngayo. O, ngethemba ukuthi niyakubona lokho. Niyakubona na?

101 Hhayi ngoba uzizwa ungcono ngomoya omusha, hhayi ngoba uhlanze ukuphuza kwakho nezinto; lokho kulungile, kodwa i . . . Hhayi ngoba ugxumile, noma wamemeza, noma wakhuluma ngezilimi, noma ujoyine ibandla, kumbe noma ngayiphi indlela wena . . . into yenkolo oyenzile, lokho akuhlanganise lutho nakho. UJesu Kristu wathi, "Niyakubazi ngezithelo zabo." Isithelo sikaMoya siluthando, ukujabula, ukulunga, ubumnene, ukubekezela, ukukholwa, ukuzithiba, zonke lezi zimfanelo ezinhle izwe elifuna ukuzibona ebandleni lomKristu. Babeka ububanzi beBhayibheli likaNkulunkulu kumaBaptisti, amaMethodisti, amaPentecostal, amaNazarene, nakuzo zonke izindawo. Babheke lokho.

102 UPawulu wathi, "Noma ngikhuluma ngezilimi zabantu nezeziNgelosi, nakuba bengingaphuma ngiphulukise abagulayo noma ngigudluze izintaba nokunye nokunye, futhi ngingenalo uthando lokusekela lokho, angilutho." UMoya oNgcwele okuwe umaka impilo yakho; khona-ke ijoka liba lula.

"O," othile uthi, "Mfowethu Branham, ukuba nje bengingaphila lokho kuPhila kuphela."

"O, awudingi ukukhathazeka ngakho, mfowethu. Akuwena, empeleni. NguMoya oNgcwele kuwe."

103 UPawulu wathi, "Akukhona . . . IMpilo engiyiphilayo manje, akumina, kodwa uKristu uphila kimi. IMpilo engiyiphilayo manje . . . " Khumbulani, wake waba yindoda ekholwayo. Impela wayeyiyo; isifundiswa. Futhi wayeyindoda eyayazi yonke imiBhalo. Futhi wahlala ngaphansi kukaGamaliyeli, omunye wabo, oyedwa . . . othisha abaphawuleka kakhulu bosuku; mhlasimbe elinye lamakolishi enkolo awedlula onke angaleso sikhathi. Kodwa wathi kwakufanele akhohlwe konke ake akwazi ukuze athole uKristu, uMoya oNgcwele.

104 Khona-ke wena uyothi, "Kodwa umakhelwane wami uyothi kimi, 'Wena ungumgingqiki ongcwele.'" O, lelogama eliyihlazo udeveli alishayela eBandleni likaNkulunkulu.

105 Ngintweze ezilwandle eziyisikhombisa, ngomusa kaNkulunkulu, futhi ngashumayela cishe kuwo wonke umhlaba. Futhi ngisemiphefumulweni eyisigidi sesibili ngiyiholela kuKristu, ngomusa kaNkulunkulu, futhi angikaze ngimbone umgingqiki ongcwele namanje. Kuzo zonke izinkolo zomhlaba angikaze ngimbone umgingqiki ongcwele. Kuyigama elingaphucuzekile udeveli aliqhasela ekholweni.

Uthi, "Ikholwa na? Ngiyikholwa."

Awu, sizothola. Wathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." Kuhlole ngeZwi.

106 Manje, qaphelani, awukwazi ukumela ukuhlushwa. Manje, lalela, mngane, uyazi ukuthi angikho lapha ukuzokuthethisa. Ngilapha ukuzokuthanda. Ngilapha ukuze ngikutshele iqiniso. Futhi ngikholwa ukuthi yingakho uMoya oNgcwele uvumela lezizinto zenzeke emihlanganweni. Leso yisipho sobuNkulunkulu, kodwa lokho akwenzeki...Lokho nje kuwukuqinisekisa kokuthile.

107 Lalela, ngilapha ukuze ngikusize, hhayi ukukweyisa noma ukuhlekisa ngawe. Bengingeke ngikwenze lokho, lutho nhlobo. Kodwa ufanele ube nalempilo entsha. Nesizathu sokuthi uthole abantu abeza e-altare futhi ubabona e...Ngizothatha elami ibandla, ibandla leBaptisti. Bayakhuphuka, futhi benze ukuvuma izono, bese-ke bebhaphathizwa, futhi ubabone emavikini ambalwa emzileni ofanayo.

108 UBilly Graham, owaziwa kakhulu, owaziwa umhlaba wonke; izindlela zethu ziye zaphambana izikhathi eziningi, phesheya kwezilwandle. Muva nje eZurich, eSwitzerland, uphelele estediyamu ngoMgqibelo ntambama, ngiqala ngeSonto ekuseni. Isimangaliso sesimanje sosuku, indoda emangalisayo, umKristu wangempela, futhi ngiyayithanda indoda futhi ngiyayikhulekela, ngokuba ayibonakali kimi njengesazi sezenkolo esiziqhenyayo esazi konke. Futhi, kodwa ngempela akagwegwesi futhi uqondile eZwini, uma evunyelwe ukushumayela.

109 Manje, ngimqaphele emsebenzini wakhe, futhi esikhathini esingeside esidlule ngibe nenhlanhla yokukhuluma naye. Futhi ngangisemhlanganweni lapho engamuzwa enza isitatimende into efana nale (Kwakusesidlweni sasekuseni, kwakunjalo, eLouisville, eKentucky, ezinyangeni ezimbalwa ezedlule.): Futhi okuthile mayelana, wathi, "IBhayibheli lingumgomo kaNkulunkulu." O, kuyiqiniso kangakanani. Wathi, "Kodwa ngizongena edolobheni." Futhi wathi, "Akukho-muntu ezweni, owazi kangcono kunami, ukuthi angisiyena umshumayeli onamandla." Wathi, "Kodwa uNkulunkulu wangibizela ukuba ngenze lomsebenzi, futhi ngizama ukuwenza ngendlela engcono kakhulu engikwazi ngayo, ukwenzela uNkulunkulu."

Kuyamangalisa; uNkulunkulu angayivusa indoda enjalo, futhi ihlale ilokho izithobile.

110 Kodwa wathi, "Kodwa ngiyangena, futhi, ngithi, kwaku*nabaningi* kakhulu abaphendukile, abayizinkulungwane eziyishumi abaphendukile kulo mhlangano wamaviki ayisithupha." Futhi wathi, "Ngibuyela emuva onyakeni noma emibili, futhi angiyitholi ingxenye yeshumi yabo."

111 O, ngangifisa kanjani ukuba ngisho okuthile. Kodwa indoda isebenzisa ukuphila kwayo ngenxa kaNkulunkulu. Ugadla kubantu, lapho, bengasoze beza bazongizwa.

112 Kodwa nasi isizathu. Ngiyakuthola emhlanganweni wami. U-Oral Roberts uyabathola emhlanganweni wakhe. Futhi sizobathola yonke indawo. Kodwa nakhu lapho okukhona: Baba namadlingozi kuphela. Futhi abalokothi baphenduke. Abalokothi babe yikholwa ngempela, phezu kwesisekelo seZwi. Bavele benze isivumo esibandayo, sokugcina umthetho, futhi lokho kumayelana nokuphela kwakho.

Futhi ukuhlushwa okuncane kokuqala kuyafika futhi wathi, "John, kwenzakalani ngezigazu na?"

"Awu, ahe."

"Ngizwile ukuthi wawusemhlanganweni kaBilly Graham."

"Awu, unkosikazi, angisakwazi ukukumela. Ngitholele iJohn Ruskins yami." Niyakubona? Niyabo?

"Liddy, kwenzekeni kuleso simonyo sobuso na? Ngiyabona uyekela izinwele zakho zikhule. Ngizwile ukuthi wawusezansi komunye wemikhankaso kaBranham."

"Awu, angikwazi ukuba ngowaleliqembu futhi ngihlale ngokuthula. Ngizovele ngibuyisele izinto zami futhi ngigcobe ubuso bami."

113 Qhubeka, kunowesifazane oyedwa eBhayibhelini owapenda ubuso bakhe ukuze ahlangane namadoda, futhi uNkulunkulu wamphakela izinja. Kunjalo. Uma ufuna ukuba inyama yenja kaNkulunkulu, qhubeka.

114 Kodwa manje umzuzu nje. Lalela, ngifuna uzwe okuthize. Kwenzenjani na? Abazange baye kude ngokwanele. Bangahle nje, babe nomqondo omusha kaKristu. Kepha bheka, lapho uthola inhliziyo entsha, umoya omusha, bese-ke uNkulunkulu efaka uMoya oNgcwele, uMoya waKhe emoyeni wakho omusha ngqo, isiphambano siheliswa ngezimpaphe. Asisahayi.

115 Bangasho noma yini ngawe abayifunayo. Ngeke kukukhathaze. Kungani, he, imithwalo izwe eliyiphonsa kuwe, kungani ubonakala unamandla kakhulu eMoyeni ngenkathi lowomoya omusha ukuwe, noMoya oNgcwele umaka impilo yakho ngqo ngaseZulwini naseZwini likaNkulunkulu. Ngani, uyafana nje noSamsoni. Thatha amasango ethusi aseGaza, futhi

uwathwale ukhuphukele egqumeni elithize elibizwa ngokuthi iKalvari, futhi umkhulekele lowomuntu. Impela. Isiphambano sinezimpiko kuso. Sihamba kalula nje.

116 Futhi yingalesosizathu ukufutha okuncane nje kuyaziphephula zisuke. Yingaleso sizathu sithatha izinkulungwane zamalungu ngonyaka bese umoya ubaphephula. Ukuhlushwa okuncane kokuqala, abakwazi ukukumela. Indawo yokuqala encane eluhlaza, iyasihaya, isiphambano, ngakho-ke bayasilahla. Awukakasihelisi okwamanje. Niyabo? UNkulunkulu ukuhelisela isiphambano. "Zethweseni ijoka laMi, nifunde ngaMi. Ijoka laMi lilula." Impela linjalo.

117 Uma nje uke wenziwa ngendlela yokwenza kaNkulunkulu. Indlela yaKhe yokwenza, manje, ayikhona ukulalela isayense yezenkolo ethile noma inkulumo ethize yobuhlakani, kodwa ukuthola umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Bese iqala, indlela yokwenza iqala ukukuhambisa, hhayi wena uyihambisa futhi uyitshela, "Ngani nansi indlela engicabanga ukuthi bekufanele kube ngayo."

118 UNkulunkulu wathi lena yindlela okufanele kube ngayo. Ngakho-ke uMoya oNgcwele uhamba nje ngqo eZwini. Futhi uvele uqhubeke nje. Kulula kakhulu uma wenza lokho. "Ngizobanika inhliziyo entsha."

119 Manje, ijoka lilula. UNkulunkulu wayefuna ukukhombisa, kubafundi nasemhlabeni, amandla aKhe. Ngakho-ke lapho uKristu. . . Ake sibheke amandla kaNkulunkulu abefanele abe sebandleni; ngaMoya munye thina sonke sabhabhathizelwa eMzimbeni munye. Futhi lowoMzimba unguMzimba kaKristu. Kungakhathaleki ngehlelo lakho, nguMzimba kaKristu ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele. Uyakukholwa lokho na? Yindlela kuphela ongaba ngayo.

120 UNkulunkulu ufuna ukukhombisa izwe ukuvuka kukaKristu. Nango Elele ethuneni. Uthule; Umzimba wakhe umhlophe qwa. Futhi ekuseni ngePhasika siyaMuzwa empongoloza, "Wonke amandla anikelwe esandleni saMi! Yethi kolalelayo!" Futhi sibona amandla adonsela phansi elahlekelwa amandla awo, njengoba sibona ukukhanya kuza phakathi kwezinyawo zaKhe nomhlaba. Kungani? Uyisikhungo samandla adonsela phansi. Futhi Uyaphakamisa, phezulu, phezulu. Ngamandla kaNkulunkulu eMphakamisela phezulu, ukusikhombisa, ukuthi, lokho iBandla eliyokwenza ngolunye usuku, ngokuba thina, njengoba sifile, sikuKristu, ingxenye yoMzimba waKhe futhi njengoba uNkulunkulu wavusa uKristu, Uyovusa iBandla laKhe. Futhi unawo kuwe manje, lawo aphilayo, amandla amasha. O, kumangalisa kanjani!

Ngifuna niqaphele, futhi, ukuthi uNkulunkulu ukwenza kanjani. Wathi, "UMoya waMi ngizowufaka emoyeni wakho, umoya wakho omusha."

Ngifuna ukukubuza okuthize. Sicabanga kakhulu ngalomzimba wethu. O, kuyinto enkulu kangakanani.

121 Esikhathini esingeside esidlule ngangimi ezansi eNashville, eTennessee, endaweni yamagugu. Futhi ngangibuka ezinye izinto ezahlukene. Ngiyabuthanda ubuciko. UNkulunkulu usebucikweni. UNkulunkulu usemculweni. Futhi ngangibuka ubuciko, futhi ngabona izinsizwa ezimbili zimi lapho, futhi kwakunikezwa ukuhlaziywa kwenani lomzimba womuntu onesisindo esingamaphawundi ayikhulu namashumi amahlanu. Uyazi ukuthi ubiza kangakanani na? Amasenti angamashumi ayisishiyagalombili nane, kunjalo. Futhi njengoba ngishilo kulokhu ukusa, uzofaka isigqoko samadola angamashumi amabili nanhlanu kumasenti angamashumi ayisishiyagalombili-nane, ukuwuvikela; ijazi elenziwe ngesikhumba senyamazane imink lamadola angamakhulu amahlanu ngaphezu kwamasenti angamashumi ayisishiyagalombili nane, ukuwuvikela. Impela.

122 O, uma ubona isicabucabu esojeni lakho, ubungayisola leyondawo othenga udlele kuyo bese uhlala ngaleya kwiChamber of Commerce, futhi ubuyokubhala ephepheni. Impela, uqaphela lawo masenti angamashumi ayisishiyagalombili-nane; kodwa uvumela udeveli agxishe noma yini afuna ukwehlisa lowomphefumulo wakho, obiza amazwe ayizinkulungwane eziyishumi.

123 Futhi ngenkathi lezinsizwa ezimbili zimile lapho, zibuka . . . Usuvele unomcako owenele ukufafaza isidleke sesikhukhukazi, nezinto ezimbalwa, okwekhalisiyamu phakathi kuwe, nokunye nokunye. Omunye wabuka omunye, futhi wathi, “John, asibizi kakhulu kangako asinjalo na?”

124 Ngacabanga ukuthi ngiyoma, ngibeka isandla sami kuye. Ngathi, “Kepha nsizwa, unomphefumulo kuwe obiza amazwe ayizinkulungwane eziyishumi, ukuthi uJesu Kristu wafa ukuze ahlenge.” Impela.

125 Ngamangala lapha esikhathini esithile esedlule e-Illinois, ngidlula endaweni encane, futhi kwakukhona i—indawo yamagugu. Ngangibheka kuyo. Ngabona indoda endala eyikhaladi. Yayinendingiliza encane nje yezinwele. Yayihamba idabula kulendawo, iqalaza. Futhi khona manjalo yama; amehlo ayo aphinda aqalaza, futhi yaqala ukukhala izinyembezi. Yakhala izinyembezi okwemizuzwana embalwa. Ngase ngiyibona igebisa ikhanda layo yase iqala ukunikela umkhuleko. Ngayibhekisisa okwesikhashana, ngacabanga, “Yini eyethusa umfo omdala na? Awu, ngikholwa ukuthi ngizothola.”

Yaphinda yabuka futhi, futhi yasula amehlo ayo. Isindala, isindala impela. Ngathi, “Unjani, malum?”

Yabuka ngaleya, yathi, “Unjani?”

Ngathi, "Ngingumfundisi weVangeli, futhi ngingathanda ukukubuza umbuzo. Ngikubonile ukhuleka. Ubukhulekelani na?"

Yathi, "Woza lapha." Ngawela ngase ngibuka. Yathi, "Buka lapho."

Ngathi, "Yini leyo na? Yingubo."

126 Yathi, "Kodwa lelobala elikhona lapho yigazi lika-Abraham Lincoln." Yathi, "Mlungu, kusenophawu okhalweni lwami lapha lapho kwakukhona khona ibhande lesigqila." Yathi, "Lelo gazi lisuse lelo bhande lobugqila kimi. Bekungakujabulisa na?"

127 Uma lokho bekuyojabulisa indoda eyikhaladi ngokuthatha ibhande lobugqila, yini iGazi likaJesu Kristu ebelifanele liyenze ekholweni na? Lapho ungadlula ebhareni, ihholo lokugembula, nezinto zezwe, futhi wazi ukuthi ukhululekile, inhliziyo yakho ishaya emgqeni neZwi likaNkulunkulu, wazi ukuthi ngolunye usuku uya eKhaya. Bekungeke kumjabulise noma ubani na? Kuyinto ejabulisayo.

128 Ngiyamangala ngezinye izikhathi ukuba. . .njengoba ngidabula izwe eliseningizimu. Ngezwa ngendaba engayixoxelwa. Ngezinsuku lapho babethenga lezo zigqila, kwakukhona umthengi owayephuma futhi athenge lawo madoda, ncamashi nje njengoba uthenga endaweni yemoto esisebenzile namuhla; izidalwa ezingabantu. Futhi wayethenga isigejane lapha, futhi athenge isigejane laphaya. Ngakhoke wafika ngasensimini enkulu lapho kwakukhona izigqila eziningi. Futhi wayefuna ukuthenga isigejane.

129 Futhi wathola ukuthi kwakukhona insizwa eyodwa lapho eyayihlukile kwamanye amadoda. Manje, babekude nekhaya. Ngashumayela kubo e-Afrika. Futhi ngiyazazi izimiso zabo nokunye nokunye. Futhi lapho bona. . .I—iDashi yawela, futhi yabathola, yase ibaletha lapha, futhi yabathengisa babe yizigqila. Futhi babekude nekhaya; babedangele. Babenqwaba yezinto, nekhaya, nabathandekayo babo. Babengeke baphinde baye ekhaya. Babeyisigqila. Babengaphandle kwezwe lakubo. Futhi ba—babengenaso isibindi sokusebenza noma lutho, futhi babethatha iziswebhu futhi babashaye. Futhi babekhala, "Qhubeka udonse."

130 Futhi ngolunye usuku, lomthengi wabona insizwa ekahle iqhunsule isifuba sayo, ikhanda layo libheke phezulu. Wawungadingeki ukuba uyishaye. Yayiqaphile. Ngaso sonke isikhathi noma yini ifanele yenziwe, yakwenza. [UMfowethu Branham ushaya iminwe yakhe—Umhl.]

Futhi lo mthengi wezigqila wathi, "Ngifuna ukuyithenga."

Futhi umnikazi wathi, "Ayidayisi."

Wathi, "Yini eyenza iphakame kangaka kukho na?" Wathi, "Ingabe ungumphathi phezu kwazo zonke ezinye na?"

Wathi, "Qha, iyisigqila nje."

Wathi, "Umphakela kangcono kunezinye na?"

Wathi, "Qhabo, udla ngaphandle ekamelweni lokuphakela emkhunjini nezinye."

131 "Khona-ke yini emenza ehluke kangaka futhi aphakame kangaka na? Ukuziphatha kwakhe kubonakala kuphakeme kakhulu, ukuziphatha kwakhe." Wathi, "Yini emeza ehluke kakhulu kangaka kwezinye na?"

132 Wathi, "Ngangingazi mina uqobo, ngaze ngathola kamuva nje ukuthi uyise uyinkosi yesizwe. Futhi nakuba engowezizwe kwelinye izwe, uyazi ukuthi uyise uyinkosi. Futhi wenza futhi uziphathisa okwendodana yenkosi."

133 UmKristu ebefanele enzeni-ke na? Singabahambi nezihambi, kodwa uBaba wethu uyiNkosi. Besifanele senze futhi siphile kanjani kuleli zwe lamanje na? Hhayi njengaleli zwe, hhayi ukushayelwa, futhi usayine ithikithi sizoza esontweni, futhi—futhi sizozama ngakho konke okusemandleni ethu ukwenza lokhu, futhi sizoya emhlanganweni womkhuleko olandelayo.

134 Mfowethu, dadewethu, sifanele siziphathe njengamadodana namadodakazi kaNkulunkulu. Asifanele sihlehle lapho udeveli ezama ukungcolisa iZwi likaNkulunkulu. Lelo yiZwi likaBaba wethu. Asime ngakuLo size sife. Yebo, mnumzane. Ziphathe.

135 Nakuba sikwelinye izwe, mhlawumbe kwelinye izwe, ungahle ube kwelinye izwe elikude le, u—umfokazi. Kodwa akwenzi mehluko ukuthi ukude kangakanani, ukuthi usenkathazweni engakanani, uNkulunkulu usenguYihlo. Haleluya! Uvelaphi wena na?

136 Le emuva ngaleya ekuqaleni ngenkathi uNkulunkulu ethumela iZwi-mcabango, okwakuyiNdodana kaNkulunkulu evela esifubeni sikaYise, Waqala ukufukamela phezu komhlaba, iBhayibheli lasho.

137 Lithini igama elithi *ukufukamela* na? Kusho ukuthini na? Njengo "kuba umama," njengesikhukhukazi, ukufukamela kwaso kwabizwa izinkukhu zaso, ichwane laso. NoMoya oNgcwele, njengoba kwakunjalo, nezingalo zaKhe, noma, amaphiko aKhe efukamele phezu komhlaba ofiphele, lapho okungakaze kube khona ukuphila. Futhi lapho Eqala ukufukamela, amanzi aqala ukwehlukana, nezwe lavela. Umzimba wakho wawulele lapha emhlabeni ngaleyonkathi. Wena wenziwe ngezakhi eziyishumi nesithupha zalo mhlaba. Umzimba wakho wawulapha ngalesosikhathi. Qaphelani, uma bekungenjalo, wavelaphi na? Uphila ngento efile.

138 Uma udla inyama yenkomo, inkomazi yafa. Uma udla isinkwa, ukolo wafa. Ungaphila kuphela ngento efile. Manje,

ngibuze udokotela lokhu kamuva nje, ngathi, "Dokotela, kuyiqiniso yini ukuthi uma ngidla, ngivuselela impilo yami?"

Wathi, "Yiqiniso lelo."

139 Ngathi, "Khona-ke, Dokotela, kungani ngenkathi ngiseneminyaka eyishumi nesithupha ubudala, ngidla ukudla okufanayo engikudlayo manje, Ngangikhula futhi ngiba namandla ngokwedlulele, lapho impilo yami ivuselelwa, futhi ngidla ukudla okufanayo manje, futhi ngiyaguga futhi ngiba buthakathaka futhi ngiyashwabana na? Ngifakazele ngokwesayensi, ngokuthi, *nasi* isitsha *nanku* ujeke wamanzi, futhi uthela amanzi kuwo, futhi ugcwala endaweni ethize, manje-ke, ngenkathi uthela kakhulu, kuya ngokushona phansi. Yinye kuphela impendulo: UNkulunkulu umisile." Ukufa kungena lapho uneminyaka engaba ngamashumi amabili nambili kuya kwengamashumi amabili nanhlanu ubudala, izinwele ezimpunga ziyaqala ukufika, imibimbi ebusweni. Futhi udla ukudla okufanayo, uvuselela impilo yakho, kodwa uyafa. UNkulunkulu umisile.

140 Lalelani manje, ekuvaleni, ngithanda ukusho lokhu manje ngokunaka kwenu okuqinile. O, ukube nje kuphela ubungakubamba. Qaphelani, lapho nalala phezu komhlaba ekuqaleni. Futhi lodokotela engangikhuluma naye wayengumphikinkolo. Wayehlekisa ngokuphulukisa ngokukaNkulunkulu. Futhi ngathi, "Dokotela, ngifuna ukukubuza okuthize."

"O, ukuzalwa kwakho kwentombi kanye nazo zonke izinto zakho," washo.

Ngathi, "Dokotela, ake ume kancane. Uma kufanele kufe okuthile ukuze umzimba wami ofayo uphile, Dokotela, ingabe kukhona okungokomoya kimi na?"

"Yebo."

141 "Kufanele kube nomphefumulo phakathi lapho onginika ulwazi lokwazi okulungile nokungalungile nezinto. Manje-ke uma into ethile bekufanele ife ukuze lomzimba uphile, ngakho-ke, Okuthize kwakufanele kufe ukuze umphefumulo wami uphile." Ngase ngimbuka. Wabuka emuva kimi, wanqekuzisa ikhanda, wase ehamba.

142 Manje-ke ngenkathi uMoya oNgcwele uqala ukufukamela phezu komhlaba, bhekisisani, ake sithathe isithombe esincane. Kufiphele; akunalutho. Bhekisisani ukuthi kwenzekeni. Lapho Eqala ukufukamela, ngiyabona umswakama omncane ukhuphuka, futhi ngalapho kugoqwe amanye amavithamini kanye nezakhi ezingena embalini. Futhi imbali encane yePhasika iyavela. Yini eyakwenza na? Ulwazi na? Qhabo, ukufukamela kukaMoya oNgcwele.

143 Bese kukhuphuka utshani; khuphuka izitshalo. UMoya oNgcwele wawulokhu ufukamele. Ubaba wathi, "Kuyamangalisa lokho." Bese kukhuphuka izihlahla zezithelo. Khona-ke izinyoni zandiza zivela othulini. UMoya oNgcwele wawulokhu ufukamela, ukhala, wenza uthando, efukamela emhlabeni. Lapho kuvela ukuphila kwesilwane. Kwathi-ke emva kwesikhashana kufika indoda. UMoya oNgcwele efukamela emhlabeni, efukamela phezu komhlaba, Wahlanganisa indoda, kusukela lapho, umkhiqizo ovela komunye, Wenza owesifazane.

Nalezo zithandwa, lapho zihamba ensimini yase-Edene ndawonye, Ngiyamuzwa u-Eva ethi, "O, umoya mubi kabi."

144 Ngimuzwa ethi, "Ukuthula, thula." Nomoya wanqamuka. Futhi ngiyamuzwa ethi, "S'thandwa . . . " njengoba owesifazane ebeka ikhanda lakhe elincane phezu kwamahlombe akhe owesilisa, futhi njengoba behambahamba, bengalokothi bagule. Kwakungadingeki abe nama-Max Factors ukuze amenze abukeke emuhle. Wayezoba ngaleyondlela kuze kube phakade. Futhi nezingalo zakhe zigaxe ingalo enkulu ka-Adamu, bahamba njengezithandwa benqamula ensimini. Futhi emva kwesikhashana, uLeo, ibhubesi, labhonga. Kwakungekho ukwesaba. Wathi, "Woza lapha, Leo." Futhi waze walihlikihla emhlane. U-Sheeta, ingwe iyakhuphuka; yahlikihla owesifazane. Balandela emva kwabo njengemithinyane emincane.

145 Nelanga liqala ukushona losuku lokuqala, noma, usuku lwesithupha, njalo. Futhi njengoba liqala ukushona, u-Adamu uthi, "S'thandwa, kufanele siye esontweni kulobubusuku. Kufanele sikhuphukele esontweni lombhishobhi." Futhi lapho beya ezihlahleni ezinkulu futhi baguqa phansi, leloZwi-mcabango elithambile elikhazimulayo, uNkulunkulu, wehla wadabula ezihlahleni.

146 Yizwa iPhimbo laKhe elithambileyo likaBaba lithi, "Bantwana, ingabe nikujabulele ukuhlala kwenu emhlabeni namuhla na?" Futhi Ubanga esihlathini, njengoba kwakunjalo, futhi wabalalisa phansi ukuba balale. Ingonyama, Wayilalisa phansi, noSheeta ingwe; akukho monakalo, akukho ngozi.

147 Ubungeke yini uthande ukwenza lokho futhi na? Kodwa ingabe kungenzeka na? Yebo, ngokuqinisekile. Futhi uma uMoya oNgcwele ufukamela umzimba wakho usuka emhlabathini, ngaphandle kokuba ube nanoma imuphi umbono walokho owawuzoba yikho, noma yiluphi ulwazi ngokuza kwakho, futhi lungakukhuphula ufike lapho okhona, futhi likunikeze ukukhetha, kungawuthatha kakhulu kangakanani uMoya oNgcwele ukunifukamela niphume emhlabathini, kungakhathaleki uma umzimba wakho uhlakazeke emimoyeni yomine yomhlaba?

148 Yini ekulethile, indawo yokuqala na? Uluthuli wena; isono sashanela sangena, futhi sifanele sihambe, namanje sisa . . . UNkulunkulu akasoze anqotshwa. Wayelindele ukuthi lo mhlaba uhlalwe, ngakho-ke Wavele wenza abesifazane ukuba balethe abantwana. Usayithela ikhalisiyamu, nephothashi, ne—nezakhi kubo, futhi ziyabakha. Khona-ke Ubaletha endaweni futhi anivumele ukuba nizikhethele.

149 Futhi uma, ngaphandle kokuzikhethela, uNkulunkulu wangenza ngelinye ilanga ngaba insizwa, enamandla, futhi enempilo, futhi ejabule, noMoya oNgcwele (Hhayi ethile ebandayo, imfundisoze yomthetho yekolishi lobufundisi lesayense yezenkolo—sayense yezenkolo, kodwa uMoya oNgcwele obusisiwe; hhayi umuthi wolwazi, kodwa uMoya oNgcwele, niyabo, wuhlelo lukaNkulunkulu.) waqala ukungeshela futhi wangisingatha ngothando, futhi ngaMamukela, wabe-ke esehlela enhliziyweni yami futhi wathatha indawo yaKhe, nginesiqiniseko esingakanani sokuthi Uzongivusa ngezinsuku zokugcina na?

150 Ngani, Wethembisa, Yena—Yena wafunga kukho. Nobufakazi bakho enhliziyweni yami khona manje, nasenhliziyweni yakho, ukuthi Uzosivusa ngezinsuku zokugcina. Ngakho-ke yini ebaluleke ukuguga noma yini enye na? Lutho. UNkulunkulu wanikeza isithembiso. UMoya oNgcwele ubusa ibandla. UMoya oNgcwele ukulethe lapha. Yonke into isongwe kuMoya oNgcwele.

Manje, lapho uMoya oNgcwele ukukuza, futhi uthi, "Soni, uyisipho sikaNkulunkulu sothando, Ngifuna ukukusingatha ngothando," ngeke ukwenze na?

151 Kungani ungavele uvule inhliziyo yakho bese uthi, "Yebo, Moya oNgcwele, ngilapha. Ngilapha. O, angikhathali ukuthi noma ubani uthini. Moya oNgcwele, ngiyaKufuna. NgiyaKufuna. NgiyaKufuna. NguWe engikufunayo. NguWe"?

152 Khona-ke lapho umoya ongcolile ephuma kumuntu, udeveli, futhi uphendukela emhubheni wakhe omdala kathayela lapho ayevame ukukwenza ukuba uphuze khona, futhi uqhubeke, futhi uthimule, nokungabaza, nokuqophisana, nokukhathazeka ngeBhayibheli, lapho ebuyela endleleni yakhe endala futhi, niyazi ukuthi kwenzekani na? UNkulunkulu wathumela ugandaganda waKhe omkhulu phansi uvela eZulwini futhi Wahlanza indlela endala nya. Yebo, mnumzane, okokubopha okudala sekuhambile; amathini awasekho; udoti awusekho. Konke kuphushelwe oLwandle lokuKhohlwa, futhi Wakususa ngokulandelana.

153 Futhi Wakha elikhulu, lesimanjemanje, ikhaya elisha. Futhi Ubelokhu efukamele lapho, neminduze emihle iqhamuke egcekeni ngalapha. Utshani obuhle buyakhula, kanye nomgwaqo omkhulu omuhle kakhlu odlula kuwo. Ini? Kube nomuntu

omusha osengenile, hhayi umfo omdala owake walala lapho owakwenza waqophisana, wahlambalaza, waphatha kabi umakhelwane wakho, ube ngowehlelo, ube nomqondo omncane, onqikazayo, ophika inkolo, ngenkolo encane echanyuselwe ukukugulisa. Kodwa Ukuhlanzile, uMoya oNgcwele lapho futhi ufukamela. Lapho uMoya oNgcwele ufukamela, uyoveza uthando, injabulo, ukuthula, ukubekezela, ubuvi, ubumnene, ukubekezela. Uzohlobisa indlu yaKhe phezulu kahle. Impela, Uzokhipha lowomhume wethini omdala awukhiphe kuwe. . . lapho, lokho okwenza ukungabaza kwakho okudala nokuqophisana nokunye nokunye. Uzobeka umgwaqo omkhulu lapho, ukuze zonke izinto zikuhambele kahle. Amen.

154 O, bazalwane, esikudingayo namuhla akuyona imeya entsha yedolobha, hhayi amaphoyisa amasha embuthweni, hhayi ihlelo elisha, hhayi ukwenza busha ubuso ebandleni, kodwa sidinga imfashini endala, imvuselelo kaPawulu oNgcwele noMoya oNgcwele weBhayibheli ubuyele ebandleni futhi: AmaMethodisti, amaBaptisti, iPentecostal, nani nonke. Kunjalo impela. Esikudingayo namhlanje, othile onalesi sehlakalo ukuze abe ophosela inselele, othile owazi uNkulunkulu ukuba agqame.

155 Lapha esikhathini esingeside esedlule ngenkathi ngangiseSwitzerland. . . Lalelisisani, njengoba sivala. Bangaki, futhi iningi lenu nonke madoda angontanga bami, besifazane, eniyifundile indaba edumile ka-Arnold von Winkelried na? Abaningi benu bayamkhumbula, iqhawe elikhulu labaseSwitzerland. O, lezo zindaba zikhohlakala kalula phakathi kwabantu. Ubuqhawe bakhe abukaze beqiwe futhi akuvamile ukuqhathaniswa nabo.

156 Ngolunye usuku ngenkathi amaSwiss ephuma futhi ethola amakhaya awo amancane nezinto ezintabeni zaseSwitzerland, namaKristu akhulekayo, futhi ngenkathi benamakhaya abo amancane nayo yonke into ethandekayo, ibutho elikhulu elihlaselayo liza liyangena. AbaseSwitzerland babuthana phansi ezintabeni namageja amadala, noma amahhuku, amahhuku okuphundla nanoma yini ababengalwa ngayo. Babengewona amadoda empi. Bavele babutha izinduku, namatshe, nanoma yini abangayilwa ukuze bavikele izwe labo.

157 Kodwa izingane zabo nomama, lapho lawomasosha ayengenile futhi abulala izingane zabo, futhi adlwengula abesifazane ezitaladini, nokunye nokunye, futhi bahlakaza amakhaya abo futhi athatha ukuphila kwabo. Futhi nakhu kufika ibutho elikhulu, elihlome ngokuphelele, eliqeqeshwe kahle: ligqishazela, ligqishazela, ligqishazela, imikhonto emide, abaqeqeshwe kahle, njengodonga lwezitini, beza bemasha bengena eSwitzerland encane.

158 O, kwakubonakala kumnyama kakhulu. Nebutho elincane labaseSwitzerland, lahlehlela ekhoneni elincane

ezansi kwentaba, lahlulwa ngokuphelele. Labuka ngapha nangapha, futhi nje, o, bedlulwa ngesibalo ngezinkulungwane. Namathuluzi okwakumelwe balwe ngawo, izikhali zabo, kwakungelutho olungaqhathaniswa naleyo mikhonto emikhulu, emide. Ukuzivikela kwabo kwakungelutho, izifuba zabo ezingenalutho nje ukuba zibonise leyo mikhonto igijima ingena kubo, lapho abanye babembozwe kahle ngamahawu.

159 Babengaqeqeshiwe; babengaqeqeshiwe, ngenkathi elinye ibutho liqeqeshiwe, futhi zonke izinyathelo ngokufanayo nje. Yaqhubeka, yaqhubeka, yeza. Ekugcineni, kufanele kwenziwe okuthile. Umnotho wabo omncane wesizwe saseSwitzerland wawuseduze; konke kwakusengozini.

160 Ekugcineni, insizwa egama layo lingu-Arnold von Winkelried yathi qekelele, yase ithi, "Madoda aseSwitzerland, ngalolu suku ngizonikela ngempilo yami ngenxa yeSwitzerland." Wathi, "Kufanele kwenziwe okuthile, futhi ngizokwenza." Wathi, "Ngaleya ngaphesheya kwentaba kunekhaya elincane elimhlophe, lapho inkosikazi enomoya omuhle, enothando nabantwana abathathu abancane belinde ukubuya kwami; kodwa ngeke baphinde bangibone, ngoba namuhla ngizonikela ngokuphila kwami ngenxa yeSwitzerland."

Futhi onke amadoda ayebukeka emangele, futhi athi, "Arnold von Winkelried, uzoyenzelani iSwitzerland na?"

Wathi, "Ngilandeleni nje. Ngilandeleni, futhi nilwe ngalokho eninakho, ngokungcono kunakho konke eningakwenza."

161 Futhi waphonsa phansi lokho ayenakho. Futhi waphonsa izingalo zakhe phezulu ngasesibhakabhakeni, futhi wadazuluka ngalo lonke iphimbo lakhe, wayesethi, "Yenzani indlela yenkululeko! Yenzani indlela yenkululeko!" Futhi lapho egijima ebheke ngasebuthweni laseSwitzerland, wabheka ukuze athole ukuthi babukuphi ubugqinsi bemikhonto, futhi wavele waphonseka ngqo kuleyondawo ephakamise izandla zakhe. Nemikhonto eyikhulu ebukhali yaziqondisa ukuyomqukula. Futhi lapho efika lapho wabamba egcwele ingalo yayo, wayeseyiphonsa esifubeni sakhe, futhi wawa wafa. Kungukuthi, ukubonakaliswa okunjalo kobuqhawe kwaliqhuba lelobutho. Babengazi ukuthi benzeni; lilingana noDavide noGoliyati.

162 Nalawomabutho aseSwitzerland esebonile okwakwenzekile, futhi agijima angena, enamakhuba awo namahhuku okuphundla namadwala awo, alixosha ngokuphelele lelo butho esizweni. Futhi baye baba nokuthula kusukela ngaleso sikhathi. Akubanga nazimpi eSwitzerland. Vele ubize u-Arnold von Winkelried ezintabeni futhi ubuke izihlathi zimibalabala nezinyembezi zehla. Bayazi ukuthi lokho izwe labo lokuthula, libizani; umdlalo onjalo wobuqhawe onjalo.

163 Kodwa o, kwakukhona into encane kanjalo, ukuthi, ngelinye ilanga kwenzeka enye into.

164 Ngenkathi uhlanga luka-Adamu, abantwana baka-Adamu, bonke bavinjezelwa ekhoneni, ukufa nokugula kuzo zonke izinhlangothi, isono singena siminyana; umthetho wawuhlulekile; abaprofethi babehlulekile; konke kwakwehlulekile; babenqabile, futhi babesesiphithiphithini esingako. Izifo nokungazi, nokunye nokunye, kwakusanda kudilika endaweni kwaze kwaba yilapho kungekho mathemba asele. Futhi nakho kwakumi uhlanga luka-Adamu, luvevezela, luqhaqhazela. Akukho okwakungenziwa; isihogo sasivula isifuba saso ukuze sibagwinye. Futhi eNkazimulweni, Othile waphuma, iNdodana kaNkulunkulu: "Ngizokwehla, Baba. Ngizoba ngomunye wabo. ngizokwehla."

"Uzokwenzani na?" kusho iziNgelosi.

"Bhekisisani."

165 Ngolunye usuku, ngimi ngaleya phakathi kwamadodana abantu, Wabuka phansi ngokwesaba okukhulu kakhulu umuntu ayenakho, okwakuwukufa, futhi lapho Ephakamisa izingalo zaKhe futhi waya endaweni ebizwa ngokuthi iKalvari, WaZiphonsa enkungwini emnyama kunayo yonke umuntu ake ayesaba, okwakuwukufa, futhi wakunqoba. Futhi lapho enyukela kweliPhezulu, Akazange ehlise isimemezelo sokukholwa kwesayense yezenkolo; Wabuyisela uMoya oNgcwele, wayesethi, "Thatha Lokhu, futhi ulwe ngakho konke onakho ngaphakathi kwakho. Thatha Lokhu, futhi ungilandele. Njengoba uBaba engithumile, nami Ngiyanithuma." NoBaba owaMthuma, wahamba naYe, futhi wangena kuYe. Futhi ngenkathi Esithuma, Uza nathi, kithi.

166 Madoda nabesifazane, esikudingayo namuhla akusiwo amagama ethu encwadini yesonto, okuyinto elungile ngokuphelele, kodwa sidinga ukucosha lesoSikhali esinamandla sikaMoya oNgcwele enhliziyweni yethu, esiguqula ingaphakathi lethu, futhi lisenze sibe yizidalwa ezintsha kuKristu Jesu, futhi ushaya indlela ezweni lesono ngokulunga namandla okuvuka kukaJesu Kristu.

167 Yilokho esikudingayo. Yilokho ibandla elikudingayo, hhayi ukwenziwa busha kobuso noma isigejane samalungu amasha, kodwa sivuselele lokho esinakho, futhi sigcwalise ngoMoya oNgcwele, futhi siphume ukulwa nesitha, kukhulekela abagulayo, phulukisa abagulayo, khiphe odeveli. "Namukeliswa ngesihle, yiphani ngesihle. Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." UKristu wafaka esandleni somuntu isikhali esinamandla kunazo zonke ezake zabekwa ezidalweni ezingabantu, kwakungumbhaphathizo kaMoya oNgcwele: inhliziyo entsha, umoya omusha, "futhi ngizofaka uMoya waMi phakathi lapho." Bese ulwa ngalokho okukuwe kuze kube yilapho ukufa kukukhulula khona.

Asikhuleke.

168 Amakhanda ethu ekhotheme, ngaphambi kokuba siqhubekele phambili, ngiyamangala lokhu: madoda nabesifazane, niyazi yini ukuthi yinye kuphela Into enganinika ukuPhila, futhi leyo nguMoya oNgcwele na? Uyaqaphela ukuthi NguYe okufukameleyo na?

169 Ngenkathi leyongane encane ithathwa, futhi wena wayikhiphela ethuneni, wambambatha izihlathi zayo ezincane, wawusuthi, "S'thandwa, umama uzohlangana nawe, ubaba uzohlangana nawe." Kwakuyini na? KwakunguMoya oNgcwele ufukamele.

170 Lapho usuku nosuku, lapho uguqa ukuze usho lowomkhuleko omncane ngaphambi kokulala, futhi Into ethile ikutshela ukuthi kukhona okungalungile ngakho konke, Uyabekezela, akathandi ukuthi kubhubhe namunye. Niyaqonda ukuthi lokho ngukufukanyelwa kukaMoya oNgcwele na?

171 Ingabe uthi, "Ngonyaka ozayo ngizozama ukwenza kangcono; ngesikhathi esilandelayo lapho benemvuselelo ngizoya e-altare; mhlawumbe uma ngithola ithuba nomsebenzi wami usuphelile, ngizoba nesikhathi esincane sokukhuleka"? O, uyakwenza lokho na? UMoya oNgcwele uyafukamela. angikwazi; UNkulunkulu uyakwazi.

172 Kodwa ngifuna uphakamise izandla zakho kuKristu khona manje futhi uthi, ngokuphakamisa izandla zakho, "O Kristu, manje ngiyazi ukuthi uMoya waKho oNgcwele ubulokhu ufukamela phezu kwami ukuze ungibizele enkonzweni yaKho." O, ungahle ungabi umshumayeli noma isithunywa senkolo. Ungahle ube yilunga lebandla nje ebandleni lakho. Kodwa uMoya oNgcwele uyakubiza. Ufuna ube nobufakazi balelobandla. Ungasiphakamisa isandla sakho kuYe njengamanje, njengophawu lokuthi, "Nkulunkulu, yimina; Ngiyaphendula manje"?

UNkulunkulu akubusise. O, he. Phezulu kovulandi abasesitezi, phezulu okuphakathi lapho. UNkulunkulu akubusise emuva phakathi lapho. O, lokho kuhle.

173 O Baba waseZulwini, omunye futhi umhlangano, nemvuselelo encane izovalwa, ngokwazi kwethu. Futhi uma sima, ubusuku emva kobusuku, futhi sibona uMoya oNgcwele ufukamela, ususa izinhlupheko kubantu, wembula izimfihlo zezinhliziyo zabo, ekhombisa imisebenzi emikhulu, yamandla nesibonakaliso, siyaqonda ukuthi sisekupheleni komgwaqo.

174 Wena wathi, "Njengoba kwenzeka ezinsukwini zikaNowa . . ." Umhlaba wawusuwenziwe ngomshini, ukwakhiwa kwezindlu, insimbi embiwa phansi, insimbi, nokunye nokunye, kwase kuthi-ke, kungazelelwe, kulelozwe elibandayo, lezenkolo, eligcina umthetho umprofethi alivusa, kwabonakala iNgelosi, izibonakaliso zaqala ukwenzeka, nezwe labhujiswa.

175 Ukuphuma eGibhithe emakhulwini eminyaka kamuva, lapho ibandla selipholile futhi nemikhosi yabo yezenkolo isibanda kakhulu futhi ligcina umthetho futhi lingenandaba, kwase kusondele isikhathi sokuya ekhaya: kwaqhamuka iNgelosi; umprofethi wazalwa; umlayezo wanikezwa; kwenziwa izibonakaliso nezimanga; okungaphezu kwemvelo kwenzeka, owayesefile phakathi kwabo iminyaka, futhi babekuphika; futhi wawusekupheleni komgwaqo.

176 Futhi lapho nje sebephola futhi, ngaphambi nje kokuFika kweNkosi uJesu: kwaqhamuka iNgelosi; umprofethi wazalwa; okungaphezu kwemvelo kwenziwa; futhi iNdodana kaNkulunkulu yeza ezweni.

177 Futhi Baba, sekupholile manje yonke leminyaka. Futhi nakhu sesilapha futhi ekugamanxeni futhi: izwe elibandayo, eligcina umthetho ngegama namabhantshi abo obufundisi, amasiko okugcina umthetho, ukujoyina kwabo isonto, futhi bafanele nje baqine, bangabona ngamehlo abo ukuthi okungaphezu kwemvelo kwenziwa; iziNgelosi zibonakala; umlayezo uphumile; imisebenzi kaNkulunkulu ibonakalisiwe. O Nkulunkulu, nyakazisa yonke inhliziyo.

178 Futhi kulesi sakhiwo esincane, kulentambama, lapho abambalwa nje bethu bebuthene ndawonye, kube nedazini lezandla eziphakanyisiwe. Bafuna leliSondo maphakathi nesondo. Bafuna uMoya waKho empilweni yabo ukuba ubabuse, futhi ubenze izidalwa ezintsha, nokubalawula, nokuba—banika ukuphila kobuKristu nokuphila phakathi kwabo.

179 Futhi ngiyakhuleka, Baba waseZulwini, ngayo yonke inhliziyo yami, ukuthi Uzothumela umbhaphathizo kaMoya oNgcwele khona manje. Kwangathi ungavela eNkazimulweni njengomoya ovunguzayo futhi uhlale enhliziyweni ngayinye. Futhi sengathi umoya omdala wempisi ungabashiya futhi kwangathi uMoya omnene, othule weWundlu ungeza, futhi iJuba lokuthula lizohlala phezu kwaleloWundlu njengoba lenza eJordani ngalolosuku. Ngokuba yizo kuphela izidalwa ezimbili ezingase zihlangane ndawonye. Futhi siyaqonda, omdala, olwayo, umoya ononya wezwe: uMoya oNgcwele wawungeke uhlale endaweni enjalo. Uvele—vele athathe indiza yaKhe futhi ahambe. Futhi siyazi ukuthi lokho bekungaba yinto efanayo, ukuba leloWundlu laliyoke liziphathise okwempisi. Kodwa kwakufanele kube iWundlu.

180 O Nkulunkulu, namuhla, eSidalweni saKho uQobo sokudala, kwangathi uMoya oNgcwele ungafukamela, manje nje, kulezozandla eziphakamile nezinye eceleni kwazo, bayoguqula imvelo yabo ibe yiwundlu, umoya omusha, inhliziyo entsha; futhi kwangathi iJuba lingeza futhi lihlale phezu kwenhliziyo yabo, libaqondise, futhi libanike ukuPhila okuphakade. Lesisibusiso ngiyasicela, ngalelibandla elincane

nalona abantu, eGameni leNdodana yaKho ethandekayo, iNkosi uJesu. Amen.

181 UyaMthanda na? Uzizwa sengathi ukalajiwe nje na? Nginigcine isikhathi eside kancane nje. Ligamenxe elesine; futhi ngiqagele bazobe benikeza amakhadi omkhuleko cishe ligamenxe elesithupha, into efana naleyo, ngelesithupha noma kugamenxe elesithupha.

182 Manje, ngifuna nenze lokhu, nina eniphakamise izandla zenu nani ebenifanele ngabe nikwenzile. Anginitsheli ukuthi nishintshe amabandla enu. Qhabo, mnumzane, qhabo. Hamba nje uye kuKristu futhi uphilele Yena ngenhliziyo yakho yonke.

183 Hamba, utshele umelusi wakho, lapho uMoya oNgcwele esanda kukugcwalisa, futhi nje uthi, "Melusi, ngizoba yilunga elehlukile kulokhu ebengiyikho. Impilo yami izoceba futhi ibe nobukhosi, ngoba kimi kuhlala uMoya oNgcwele." O, uzokwazisa kanjani. Futhi mhlawumbe ungase umholele esehlakalweni esifanayo, uma engakaze abe naso kakade. Kwazi bani? Yilokho esikufunayo.

INkosi inibusise. Futhi niyizethameli ezithandekayo ukukhuluma kuzo. Futhi ngikhulekela ukuthi ngamunye wenu uzogcwaliswa ngoMoya oNgcwele kaNkulunkulu.

Bangaki okukholwayo ukuthi engikushilo ukuthi kuyiqiniso, ukuthi leso yisidingo sebandla na? Ngiyabonga. Futhi sengathi iNkosi ingakubusisa.

184 Manje, ngizocela umelusi, uMfowethu Vayle, uma ezoza lapha futhi aqedele inkonzo, ngenkathi ngiyokhuleka futhi ngilungiselela inkonzo yokuphulukisa kulobubusuku. UNkulunkulu akubusise, Dkt. Vayle.

[UMfowethu Vayle ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] (Ya, ngiqagele, ngaphambi kwezinkonzo zokuphulukisa. Ngiyakwenza.)

185 UMfowethu Vayle ubebuza, bebefuna izithombe ezithile. Lezozithombe zingathathwa noma nini, nje, kuze kushaye ukuphefumulela kushaye kombono, ngoba ukuKhanya engikubukayo, Ku—KungukuKhanya.

186 Bangaki abaziyo ukuthi uJesu Kristu ungukuKhanya manje na? Impela, noma ubani owazi iBhayibheli, uyakwazi lokho. Impela. Wayeyi . . . Noma ngasiphi isikhathi ngenkathi ngishumayela noma okunye nokunye kulobubusuku, kuzolunga ngokuphelele. INkosi inibusise ngakho konke ukulunga kweZulu, kungumkhuleko wami.

*UKUZENZISA KOBUKRISTU* ZUL57-0127A
(The Impersonation Of Christianity)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngeSonto ntambama, ngoJanuwari 27, 1957, eMemorial Hall eLima, eOhio, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2022 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org